# *Izindaba Ezinkulu Kunazo Zonke Ezisemqoka Emlandweni*

Asibe silokhu simile, imizuzwana embalwa nje, okwezwi lomkhuleko.

2 Baba wethu waseZulwini, njengoba sisondela esihlalweni saKho sobuNkulunkulu somusa kulobubusuku, siyabonga ukuthi kukhona isihlalo sobukhosi somusa, ngokuba kungaba yinto esabekayo kithi ukuza esihlalweni sobulungiswa. Kodwa uKristu uhlangane nakho konke lokhu, ubulungiswa, ngenxa yethu futhi usibuyisele kuBaba wethu, futhi siza manje ngomusa, sincenga Wena ukuba uqinise iZwi laKho nathi kulobubusuku, ngokuhlangana nathi, lapho okulotshwe khona ukuthi, "Lapho kubuthene ababili noma abathathu ngeGama laMi, Ngiyoba phakathi kwabo." Manje, siyabonga ngalesisithembiso, futhi siyazi ukuthi Uyasigcina sonke isithembiso.

3 Futhi sicela Wena ukuba ubusise labo abaseNdleleni, ukuthi Uzobakhuthaza, benze umhlatshelo kulobubusuku, bonke, ukuba baphume, futhi kulobu obunemvula nobubi, ubusuku obunomoya, kukhombisa izinhlonipho zabo nothando ngaWe. Manje, sikhulekela ukuthi Uzobusisa labo abagulayo nabadingayo kulobubusuku, ukuthi bangaphulukiswa kunoma yisiphi isifo abanaso, ngoBukhona baKho. Busisa labo abangaKwazi kulobubusuku, baphe isibusiso esingako ukuthi bazoKuthanda, futhi bazophendulela izinhliziyo zabo kuWe ngaphambi kokusuka kulesisakhiwo. Siphe khona, Nkosi.

4 Busisa izinceku zaKho, abefundisi baKho, abavangeli baKho, wonke olapha emhlanganweni, nakwezinye izindawo. Kwangathi uMoya oNgcwele ungaba sezimpilweni zethu, ukuze abanye babone futhi bomele ukuba naWo. Siyacela, eGameni likaJesu. Amen.

5 Ningahlala phansi. (Ngizozibeka phansi lezi umzuzwana nje.) Ekufundweni komBhalo, kulobubusuku, njengoba sizongena ngqo emlayezweni ngenxa yokuba leyithi kancane, sitholakala eVangelini likaLuka oNgcwele, isahluko 24 nevesi 32:

> *Base bethi omunye komunye, Inhliziyo yethu ibingavuthi yini phakathi kwethu, lapho ekhuluma kithi* endleleni*, nalapho esivulela imibhalo na?*

6 Nendikimba yami kulobubusuku yilokhu: *Izindaba Ezinkulu Kunazo Zonke Ezisemqoka Emlandweni.* Nendaba yami ingukuthi "Woza, Ukholwe, Bese Uhamba."

7 Ngiyamangala ngalezo ezinkulu, ezigqamile, izinsuku ezingamashumi amane ezikhazimulayo ukuthi iNkosi yethu yayisemhlabeni ibonakala kubafundi baYo nakwabanye emva kokuvuka kwaYo. Ngike ngama izikhathi eziningi futhi ngacabanga, "Ukuba-ke ngangikade ngilapho!" Futhi ngaphansi kwalokho kulindela okukhulu, ukuthi kanjani ukuthi lonke ijika emgwaqeni ungahle uhlangane naYe, ubuso nobuso, iNkosi uJesu ovukileyo. Yeka ukuxhuxhuma okwakungaba yikho ukuhlangana naYe futhi wazi ukuthi Lowo kwakunguYe!

8 Kodwa manje-ke, emcabangweni wesibili walokho, emva kokucabanga ukuthi kwakungaba okuthokozisa kanjani ukuhlangana neNkosi njengoba kwenza lababafo, uKleyophase nomngani wakhe besendleleni eya e-Emawuse. . .Futhi Wakhuluma nabo usuku lonke, futhi abazange baMqonde. Kwase kuthi-ke, ngalobobusuku ngenkathi Ebahlanganisa ndawonye, ngenkathi be. . .Wenza sengathi Wayezohamba aqhubeke ngakubo, abashiye, aye ehhotela elincane, noma indawo yezivakashi, futhi baMcindezela ukuthi Ufanele ahlale, futhi ahlale nabo. Futhi babelokhu beMcindezela, kwaze kwathi ekugcineni Wangena nabo.

9 Usuku lonke, bengazi ukuthi WayenguBani, kwase kuthi-ke ngenkathi beMthola engapha-. . ., noma, ngaphakathi futhi bavala iminyango, Wenza into eyayi, ukubenza bazi ukuthi kwakunguYe. Futhi emva kokukhuluma naYe usuku lonke gulukunqu, beMuzwa eshumayela iminyaka emithathu Ayesemhlabeni, kwase kuthi-ke emva kokuvuka kwaKhe beMuzwa eshumayela, futhi abaMbonanga waze Wenza into ethize njengoba nje Ayenza ngaphambi kokubethelwa kwaKhe, khona-ke babazi ukuthi Lowo kwakunguYe.

10 Futhi manje, akusiyo yini into exakile ukuthi kuthatha into ethize ngasohlangothini lokungaphezu kwemvelo ukusenza siqonde ukuthi nguYe, lokho kufundisa, qobo lwakho, ngeke kukwenze na? Akazange ayale iBandla laKhe, ngaleyonkathi, ukuba lihambe futhi lifundise iZwi, Wathi, "Nishumayele iVangeli," noma nibonakalise iVangeli. "NeVangeli alifikanga ngezwi kuphela, kodwa ngamandla, nangezibonakaliso zikaMoya oNgcwele," kwasho uPawulu. Manje, ngakho-ke ivesi elilandelayo lithi, kuMarku 16, "Lezizibonakaliso ziyakubaphelekezela," noma zilandele, "labo, labo abakholwayo." Khona-ke niyabo, kuthatha ukuphelekezela isibonakaliso sokuvuka ukuqinisa iZwi, ukwenza uJesu aziwe ngokuyikho kubantu.

11 Ngakho kwakuyisikhathi esikhulu, lezozinsuku ezingamashumi amane ezikhazimulayo. Bengingathanda

kanjani ukuba ngibe lapho! Kodwa manje-ke, ngicabanga futhi, ukuthi ngangiyodingeka ngibe yikholwa, ngoba Akabonakalanga kumuntu ngaphandle kweBandla laKhe elikhethiweyo. Ubonakala kuphela kwabakholwayo. Futhi njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi, Angeguquke, namhlanje Usabonakala kuphela eBandleni laKhe elikhethiweyo, abakholwayo.

12 Manje, sithola ukuthi babebaningi ababefundisa ngoMesiya ngalezozinsuku, futhi babebaningi ababebheke uMesiya ozayo, kodwa WayeneBandla elakhethwa, kanjalo naYe kulobubusuku. Futhi lokho yi, lapho ngishiye khona izolo kusihlwa, iBandla elikhethiwe, wase-ke Ebonakala eBandleni laKhe elikhethiweyo kuphela, bonke abanye abaMbonanga. Futhi ukuba Ubelapha namhlanje, Ubeyokwenza nje okufanayo njengoba Enza ngaleyonkathi, abonakale ekholweni elikhethiwe, Akabonakali neze kongakholwayo.

13 Kungani uJesu engakwenzanga, emva kokuvuka kwaKhe, uma Wayekhathalele kakhulu kuwo wonke umuntu azi ukuthi Wayevukile kwabafileyo, khona-ke ngiyamangala ukuthi kungani Engakhuphukelanga ukuba, awu, sithi, uPilatu, noma kuHerodi, futhi athi kubo, “Niyabo, Ngilapha-ke. Ubucabanga ukuthi ubuNgitholile, ubungacabanganga na? Kodwa Nginitshelile ukuthi Ngiyovuka ngosuku lwesithathu, ngakho Ngilapha-ke”?

14 Noma kungani Engayanga kuKayafase, umpristi omkhulu, noma aye ebandleni lomthetho, ehlele esinagogeni, futhi athi kubo, “Manje, nonke benilokhu nikholwa njalo ukuthi kuyofika uMesiya, noDavide wathi uMphefumulo waKhe awuyikushiywa esihogweni, kanjalo Akayikuvuma ukuba ONgcwele waKhe abone ukubola, ngakho Ngilapha, Lowo enambethela ngesipikili esiphambanweni, Ngilapha ekuvukeni ukufakazisa kini ukuthi NginguMesiya”? Akakwenzanga ngani lokho na? Ngoba uma babengenakuMkholwa ngenkathi Elapha kuMuntu emhlabeni ngaphambi kokubethelwa kwaKhe, babengeke baMkholwe kamuva.

15 Futhi ngakho-ke babeyothi, “Kukhona okunye okwenzekile, wayengafanga ngakho konke, noma abafundi bakhe babenohlobo oluthize lokugqumisa okwambuyisela ekuphileni, noma okuthize kwakwenzekile.” Ngakho Wabonakala kuphela kulabo abaMkholwayo, futhi baMthanda, futhi wakhethelwa ukuMbona. Leyo yindlela efanayo Ayokwenza ngayo namhlanje, uma Efanele afike namhlanje, futhi okungukuthi Ufikile, esimweni sikaMoya.

16 Futhi niyaqaphela ukuthi Uzibonakalisa Yena uqobo kuphela, njengoba sishiyile izolo ebusuku ku-Abrahama, Akazange ehlele eqenjini likaLoti, kodwa Wabonakala eQenjini

elikhethiweyo, Wafulathela ngomhlane waKhe ithende, wayesethi, "Uphi umkakho, uSara na?"

17 Wathi, "Ethendeni." Futhi Washo ukuthi kwakuzokwenzekani futhi—nokuthi babezoba naye kanjani lomntwana, noSara wahleka, futhi Wathi, "Uhlekeleni uSara na?" NoSara wazama ukukuphika.

18 Futhi uJesu, ngenkathi, Wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni ka—kaLoti, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Niyabo? Manje, leyoNgelosi ayizange yehlele kulesosigejane saseSodoma, Yahlala kuphela nabaBizelwe ngaphandle nabaKhethiweyo. Babenezithunywa zabo, namehlo abo ayephuphuthekile eMnyangweni, kodwa iQembu elikhethiweyo labona uNkulunkulu ebonakaliswa enyameni.

19 Futhi lokhu, kulokhu kuvuka kwasekuseni okukhulu, babona uNkulunkulu ebonakaliswa enyameni. Ukufa akukwazanga ukuMbamba. Futhi Weza kuphela kwabakhethiweyo baKhe, hhayi kwamanye amabandla nhlobo, koKhethiweyo waKhe nje. Manje, Akayanga ngani ebandleni na? Wakwenza ngenkathi Efika, Weza kwabaKhe uQobo, futhi abaMemukelanga.

20 Manje Ufika ngesimo sikaMoya oNgcwele, e. . .hhayi ebandleni, kodwa eBandleni elikhethiwe, futhi thina, iBandla, ngukuMyisa kwabangakholwayo. Yithina esivumela ukuPhila kwaKhe kukhanye ngathi ukuze abanye bakholwe. Yithina, uKristu eBandleni, okhanyisa uBukhona baKhe ukuba, kuMenza abonakale kubo bonke. Ngakho ngakho-ke, Yena, lapho EZikhanyisa phambili, ngaphambili, njalo, ngezimpilo zamakholwa aKhe akhethiweyo, labo abakhethelwe ukuPhila okuPhakade, baMemukele, Wathi, "Izimvu zaMi ziyalizwa iPhimbo laMi, umfokazi azisoze zamlandela, kodwa izimvu zaMi ziyalizwa iPhimbo laMi," Wazibonakalisa Yena uqobo eBandleni laKhe elibizelwe ngaphandle nelikhethiwe. Wenza into efanayo eBandleni namhlanje ukuba aZibonakalise ngezidalwa zaKhe, thina, iBandla, iBandla elibizelwe ngaphandle.

21 Umlayezo wethu, ngakho-ke, ngempela uyizindaba ezinkulu kunazo zonke ezisemqoka zonke umlando oke wazazi. Kube khona zonke izinhlobo zokuzenzisa, nokunye nokunye, kodwa umlayezo ibandla elinawo uyizindaba ezinkulu kunazo zonke ezimqoka ezake zashaya izwe. Yebo, mnumzane. SaMmbela, efile, kodwa Uvukile futhi uyaphila futhi. Wayefile ngenkathi siMmbela, futhi manje Uyaphila kuze kube phakade. Kungamaqiniso ngokweqiniso. Akafile, kodwa Uphila kuze kube phakade. Umlayezo onje pho, ukubaneka okunje pho! IBandla belifanele ukuxhuxhuma. IBandla belifanele ngabe lishisa lokhu ezinhliziyweni zawo wonke umuntu Abaxhumana naye, Akafile kodwa uyaphila.

22 Kufanele kube izihloko zezindaba ndawo zonke. Kodwa abakukholwa, yingalesosizathu kungenzi izihloko zezindaba. Kodwa ekholweni, kwenza izihloko zezindaba enhliziyweni yekholwa. Lapho ekubona futhi eqonda, kuyamxhuxhumisa ngaphezu kwakho konke obekungake kwenziwe. Kuphosa izihloko zezindaba ezibaneka konke okunye kwezwe kufile. Ngokushesha nje lapho bebona ukuthi Uyaphila futhi eneBandla laKhe, kuxhuxhumisa kanjani pho ekholweni! Izihloko zezindaba ezinkulu kunazo zonke ebezingaba izihloko zezindaba, kunjalo, umlayezo wethu namhlanje, umlayezo wePhasika.

23 Kodwa sivumela iPhasika libe usuku olulodwa onyakeni, lelo yiPhasika lethu, usuku olulodwa onyakeni yiPhasika. *Zonke* izinsuku onyakeni zi, bezifanele zibe yiPhasika. Nsuku zonke kufanele kube usuku oluxhuxhumisayo lovuko. Kodwa niyazi ukuthini, baxubanise umlayezo wePhasika, futhi bawuxubanise namaqanda anemibala, na—namabhengele enziwe ngezimbali, nezigqoko amabhonethi ezitsha, nonogwaja, futhi ngakho-ke iPhasika liyiqhinga elikhohlisayo nje. Kodwa ekholweni elaziyo, usuku nosuku, baphila ePhasikeni, ngoba Uvukile kwabafileyo, futhi Uphila kuze kube phakade ezinhliziyweni, eZazisa eBandleni laKhe, usuku nosuku, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo."

24 Manje, uma uthi uyikholwa, futhi lezozibonakaliso zingakulandeli, khona-ke kuphakathi kokuthi ukhulume into ethile eyiphutha, noma usho ukuthi Usho into ethile eyiphutha. Ngokuba uJesu wathi, "Lezizibonakaliso ziyakumlandela okholwayo, ngeGama laMi bayakukhipha amademoni, bakhulume ngezilimi ezintsha. Uma babefakwe ushevu, baphuze okubulalayo, bekungeke kubalimaze. Uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda." Izibonakaliso zalolohlobo zilandela ikholwa. Futhi yilowo Abonakala kuye, ekholweni, ngakho ngakho-ke lezozibonakaliso zilandela ikholwa.

25 O, kuyinto enhle kakhulu kanjani eBandleni laKhe, emva kweminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye, cishe impela eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili eyedlula, ukwazi ukuthi Uyaphila! Sihlangana naYe kuwo onke amajika omgwaqo, kuwo onke amajika, kuyo yonke indawo esiya kuyo sibona uJesu, sibone uBukhona baKhe obuphilayo bugeleza njengokuKhanya okukhazimulayo okuvela eBandleni laKhe elikhazimulayo likaNkulunkulu ophilayo. Sifanele sibonge kanjani ngalokho!

26 Umlayezo wanikezwa ethuneni, "Woza, ubone. Hamba, usho." Into yokuqala, "Woza, futhi weneliseke." Ezinsukwini zamanje abantu abafuni ukuza, ukuzobona. Labo abezayo, abakwazi ukuhlala imizuzu eyishumi, imizuzu emihlanu ngezinye izikhathi, uma uphambana nendlela yabo,

sebehambile. “Woza, ubone.” Ungalunguzi ngaphakathi nje, yima futhi ukubhekisise.

27 “Woza, ubone. Bese-ke, hamba, futhi usho.” Yilokho Akutshela abesifazane ngalokho kusa ethuneni, “Woza, ubone lapho E*lale* khona, kodwa Akasekho lapha. Hambani-ke, nitshele abafundi baKhe ukuthi ‘Ngiyohlangana nani ngale eGalile.’”

28 Hambani, nitshele ubani na? Abafundi bakhe abadidekile. Babedidekile ngempela, futhi babengazi ukuthi benzeni. Abaningi babo babebuyele emanethini abo ezinhlanzi, babefuna ukubuyela ekubambeni izinhlanzi. Babedidekile ngoba babengazi ukuthi yini, ukuthi bazokwenza kanjani ukuba bahlangabezane nezidingo. Babethembele ngokoqobo ukuthi WayenguMesiya, futhi lapha Wayefile, futhi—futhi babengazi ukuthi benzeni manje. Kodwa, “Hambani, nitshele lelibandla elididekile ukuthi Ngiyaphila, futhi Ngiyohamba phambi kwabo, futhi Ngiyohlangana nabo eGalile, njengoba Ngethembise ukwenza.”

29 Lelobandla, elididekile ngaleyonkathi, alilibi kakhulu kunoma ibandla linjalo namhlanje. Lisalokhu lididekile, alikwazi ukucacisa imiBhalo, lingeke laqonda ukuthi kungani lowoMarku 16 walotshwa eBhayibhelini, futhi bona, bedideke kakhulu, bathi, “Wawungaphefumulelwe.” Futhi bathola eminye imiBhalo, futhi bathi, “UMoya oNgcwele wasetshenziswa kolunye usuku, futhi hhayi lolusuku.” Bathola eminye imiBhalo lapho izimangaliso zazizokwenziwa khona, futhi bazisho ukuthi zonke izinsuku zezimangaliso selwedlule.

30 Ukhuluma ngokudideka! Sebengaphezu kokudidekile manje, kunoma babenjalo ngaleyonkathi, kodwa into ethize njengoba babenjalo, ngoba into kuphela labobafundi ababedingeka ibaduduze kwakuyisehlakalo esedlule. Nebandla namhlanje liyindaba enkulu ngaleyondlela, ngisho nakumaPentecostal, ezama ukuzenelisa ngeZenzo 2:4, isehlakalo esithile esedlule. Kodwa, o, lowomlayezo kaNkulunkulu ophilayo usaphila nanamhlanje. Kungani udidekile na? “Ngihamba phambi kwakho. Angifile, Ngiyaphila,” Uthi, “kuze kube-phakade.”

31 Kodwa abadidekile, badideka kakhulu baze bazame ukuhlela enye *imfundiso egqamileyo* entsha, futhi akukude kuze kuthi leyo*mfundiso egqamileyo* entsha, ifana njalo, iba o*kwakuyimfundiso egqamileyo*. Bathola imvula yamuva, nemvula yokuqala, nemvula ephakathi nendawo, na*lokhu*, na*lokho*, *nokunye*, uhlobo oluthize lwenhlangano, ihlelo, futhi kwenzekani kuyo na? Iyafa, njengoba nje yonke inhlangano ifa.

32 Futhi ba—ba—badidekile, “Awu manje, asazi ukuthi sizokwenzenjani, sifanele siqoqe lababantu ndawonye. Si—sifanele sizehlukanise na*leli*qembu, noma ku*lelo*qembu.”

Besadidekile nje, bengazi ukuthi bazokwenzenjani, abawazi umlayezo wePhasika wangempela. Umlayezo wangempela wePhasika wawungesikho ukuthi, niyokwenza izinhlangano, wawungukuthi, ukuba nihambe futhi nishumayele iVangeli, nibonakalise amandla kaMoya oNgcwele, futhi niMvumele athathe iBandla alifake esandleni saKhe. Kodwa basalokhu bedidekile, abazi ukuthi benzeni, nokuthi kanjani.

33 Nabantu bebefanele baqonde ukuthi ngaso sonke isikhathi, kusukela phansi emlandweni, ngicela noma yimuphi usiyazi wezenkolo, noma yimuphi usomlando, ukuba ake angitshele, ukuthi lapho uNkulunkulu ake athatha khona inhlangano futhi yenza noma yini ngaphandle kokwenza iqembu labantu. Yinqubo eyenziwe ngumuntu. Hhayi abantu phakathi lapho, kodwa yinqubo yenhlangano. Futhi ngaso sonke isikhathi uNkulunkulu athumela ngaso imvuselelo, Wathatha umuntu othile wasuka kwenye inhlangano ukuba aqale imvuselelo. Futhi ngaso sonke isikhathi ukuthi leyondoda, ngenkathi, emva kokuba isiyiqalile imvuselelo, nabantu abasemva kwayo bayihlela, yafa khona lapho futhi ayiphindanga yavuka. Manje, ngikhombise ikhasi lomlando, nenombolo, kwalapho okwake kwavuka khona inhlangano emva kokuba yake yahlelwa, yafela khona lapho. Baba ngabantwana abazalwa befile, futhi lokho ngabantwana abafile. Abakudingayo ngukuthwansulwa kweVangeli, ncamashi, ukulibuyisela ekuPhileni futhi.

34 Manje, kodwa njengoba kwakunjalo ngaleyonkathi, ngenkathi leziziThunywa zivela ethuneni ngalokho kusa, ukutshela lababafundi ukuthi Wayevukile kwabafileyo, futhi wayephila phakathi kwabo, futhi wayehamba phambi kwabo, futhi Uyohlangana nabo endaweni eqokiwe ethize, into enhle kanje pho okuyiyo namanje, uKristu wethu usahamba phambi kwethu! Kukhona indawo eqokiwe, "Ngiyohlangana nawe emoyeni ngalokho kusa." NeBandla, Lisakukholwa.

35 Elangempela, iBandla leqiniso likaNkulunkulu ophilayo, silindele loloshintsho ukuba lufike, lapho sibhekisisa inqubo yeBandla laKhe, iNzalo ka-Abrahama, ikhuphuka njengoba yenza ku-Abrahama, futhi sisalindile manje lowomhlangano omkhulu emoyeni, lapho esiyoMbona khona, sibanjwe nalabo abebelindile emva kwethu. Bayovuka kwabafileyo futhi siyophiliswa ngesikhashanyana, ngokuphazima kweso, futhi sihlwithwe ukuMhlangabeza emoyeni, futhi sibe naYe kuze kube phakade. Sisenayo indawo eqokiwe, futhi sifanele sibambelele kulokhu, futhi sikukholwe ngazo zonke izinhliziyo zethu.

36 Kodwa bona, ngalolosuku, wayematasatasa kakhulu, wahambisana nezinye izinto, futhi bephonsa amanetha abo, futhi bebuyela ekudobeni kwabo. Thina namhlanje siyinto efanayo, ngukuthi wabambisana nokuningi kakhulu okwehlukile *lokhu*, *lokho*, no*kunye*, ne*zimfundiso ezigqamileyo* eziningi kakhulu, namahlelo amaningi kakhulu, nezinhlangano

eziningi kakhulu, negosa elikhulu. Futhi sifanele sibhekisise ngempela ukuthi hlobo luni lomhlangano esibambisana nalo, ngoba umphathi wesifunda uzosikhipha. Bese—bese kuthi-ke uma sehlela emhlanganweni o*thize-thize*, umelusi uzosikhipha. Futhi uma i, o, umbhishobhi uzokwenza okuthile kithi, noma ibandla liyosikhipha enhlanganweni. O, futhi sibhizi kakhulu sibhekisisa amalunga ethu ukubona ukuthi awayi kwelinye ibandla, noma sibe nanoma yini enye ukuba siyenze ngaphandle nje kweqembu lethu elincane.

37 Simatasatasa kakhulu ngalokho, kufana nje nokushintshanisa amalunga elinye nelinye, futhi kufana nje nokuthatha isidumbu esisodwa sisuka kwamanye amakhaza ezidumbu siye kwamanye, ncamashi nje. Akwaziwa ukuthi ukuvuka sekwedlule futhi sesivele siyakujabulela, kodwa nje kushintshaniswa isidumbu sisuka kwenye siye kwenye, cishe ngendlela nje okujika ngayo.

38 O, kul'khuni kubo ukukuqonda, ukuthi uKristu wethu uyaphila, Akafile, kodwa Uphila kuze kube phakade, futhi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Kodwa simatasatasa kakhulu, sihambisana nezinto eziningi kakhulu ezehlukene, ibandla linokuningi kakhulu ukuba likwenze, futhi limatasatasa kakhulu nga*lokhu* na*lokho*, asinaso isikhathi sokubheka kulezizinto. Futhi uma sikuzwa kuvela esithunyweni, "O, yizindaba njengoba babekholwa ngaleyonkathi. O, labo besifazane abayiziphukuphuku wayengaleya, kunzima ukusho ukuthi yini bona . . . Bakha into ethize." Niyabo, sibhizi kakhulu ngezinye izinto. Kungani ungathathi isikhathi esincane ukukufundisisa na? Wahlala phansi phambi kwaKhe, futhi, "Wozani, sithethe indaba, kusho uNkulunkulu. Nakuba ukungakholwa kwakho kunjengokubomvu tebhu, kuyoba mhlophe njengeqhwa; noma kubomvu njengokububende, kuyakuba-mhlophe njengoboya bezimvu."

39 Kodwa simatasatasa *kakhulu*. Sifanele sibone ukuthi akukho namunye wobubili wethu ongabi ngowobuthathu, nowobuthathu wethu akabi ngokamunye, kanjalonjalo, sifanele nje siqiniseke ukuthi siyakubhekisisa lokho. Futhi okuyikho, uKristu ephila ngaso sonke isikhathi eBandleni laKhe, futhi si—si, njengoba ngishilo, sithwala sisuka emakhazeni ezidumbu siya emakhazeni ezidumbu, futhi silapho-ke. Manje, yileyondlela nje okwakungayo ngaleyonkathi, yileyondlela okungayo namhlanje, into ethize entweni efanayo.

40 Abanye abantu benza iVangeli udwendwe lomngcwabo. Kunjalo. Baya esontweni futhi sengathi nje kwakuwudwendwe lomngcwabo. Abanye bakwenza kube ngukudlala kokujabula. Kunjalo. Abanye babo bakwenza nje kube ngukudlala kokujabula, isikhathi esikhulu nje ukuhamba futhi badlale isigejane somculo, bagxume phansi naphezulu emsamo, badanse yonke indawo emsamo, noma ezansi esikhaleni

sezihlalo, futhi bagijime, bahlale phansi, futhi bakhulume ngomakhelwane babo. Kunjalo. Abanye babo ocabanga ukuthi bebefanele bame futhi basho indumiso, nesivumokholo somphostoli, *esibizwa kanjalo*. Ngifuna, omunye umuntu, ukungikhombisa into eyodwa ebhalwe Lapho yisivumokholo somphostoli. "Ngiyakholelwa eBandleni eliNgcwele eliRoma Katolika." Angikholelwa. "Ngiyakholelwa ekuhlanganyeleni nabangcwele." Lokho ngukukhonza imimoya yabangasekho, angikwenzi. Kodwa bamatasatasa kakhulu beqamba lezozinto, futhi bakwenza udwendwe lomngcwabo.

41 Akusilo udwendwe lomngcwabo, futhi kanjalo akusiwo umdlalo wokujabula, kungumkhosi, umkhosi noKristu, lapho abakholwayo:

> "Wozani nidle," iNkosi iyabiza, "Wozani nidle;"
> Ningadla etafuleni likaJesu ngaso sonke isikhathi;
> Lowo owapha isixuku, waphendula amanzi abayiwayini,

LowoJesu ofanayo uyaphila kulobubusuku.

> Kolambile uyabiza manje, "O, woza udle."

Ngumkhosi futhi hhayi u—umdlalo wokujabula, futhi kanjalo akusilo udwendwe lomngcwabo.

42 Manje, umlayezo ungukuthi Uhamba phambi kwethu, phambi kwethu. Akekho ethuneni emva kwethu, Uphambi kwethu, enza indlela. Sifanele silandele, hhayi ukubheka emuva ethuneni, kodwa ukubheka phambili, indlela Ayiholayo. Ngokuba UnguMholi wethu, sifanele siMlandele, singabheki emuva emathuneni.

43 UMariya, ngalokho kusa, wayelimele kahle ibandla elididekile. Walimela kahle, ngoba wayese—semgudwini ofanayo elihlezi kuwo namhlanje. Wathini ngenkathi eMuzwa ekhuluma, "Mariya, ini . . .? Sifazane, ulilelani na?"

44 Wathi, "Bayisusile iNkosi yami, futhi angazi ukuthi benzeni ngaYo." Lokho kuthi akube yindlela ibandla elimi ngayo namhlanje, "Bayisusile iNkosi yami, futhi angazi ukuthi ngizoYitholaphi. Ngizame zonke izidlo zabo, ngizame yonke imibhaphathizo yabo yamanzi, ngizamile amaMethodisti, amaBaptisti, amaPresbyterian, amaPentecostal, amaKatolika, nabo bonke, futhi angiMtholi. Uma umBhalo uthi Unguye izolo, namuhla, naphakade, Ukhona ndawondawo. Uma Engafile khona-ke Uyaphila, Angeke aphile futhi afe ngesikhathi esifanayo." Ngakho uMariya walimela kahle ibandla, "Bayisusile iNkosi yami, futhi angazi ukuthi ba . . . ukuthi benzeni ngaYo."

45 Ibandla liyacabanga namhlanje, "O, kwakukhona uKristu omkhulu womlando. Wa—Waphulukisa abagulayo, Wayekwazi ukwahlulela imicabango yenhliziyo yabo. WayenguKristu womlando. Wafika ezixukwini, Wafika kuPetru, Wayesethi kuPetru, igama lakhe kwakunguSimoni, wathi, 'Igama lakho unguSimoni, igama likayihlo kwakunguJonase.' O impela, lowo kwakunguJesu owenza lokho. Leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya, ngokwemiBhalo, okwashiwo ngumprofethi."

46 Akazange afundise neyodwa into, kanjalo noPawulu. Ngenkathi uPawulu ekhushulelwe phambi kuka-Agripha, wathi, "Ngishumayele kuphela lokho uMose nabaprofethi abathi kuyofezeka. Futhi kungani ningilahla," wathi, "lapho ngishilo kuphela lokho uMose akusho, okwashiwo abaprofethi ukuthi kuyofezeka na? Ngabe kuyinto exakile kuwe, o, Agripha, ukukholelwa ekuvukeni kwabafileyo, ngifuna wazi ukuthi uNkulunkulu ungukuvuka kwabafileyo na?" Unjalo nanamhlanje.

47 Manje, kodwa uMariya wathi, "Awu, si. . .Ngiyazi ngake ngaMazi." Kodwa wayekhala izinyembezi ngosizi, ngoba wake waMazi, kodwa Yena. . .babenzile, babeMthathile. Futhi kungaleyondlela namhlanje. Ngamunye wethu uzama ohlobweni oluthize lwesayense yezenkolo yefilosofi ukuzama ukuhlohla phansi, ngohlobo oluthize lwesayense ephathelene nokusebenza kwengqondo emphinjeni womunye umuntu futhi abatshele, "Si—sikholwa yi*lokhu*, futhi sikholwa yi*lokho*." Kodwa uJesu wathi, "Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina, naye uyakuyenza."

48 Nebandla lathi, "Bayithathile iNkosi yami." Benzani ngaYo na? Nokho, namhlanje, abaningi ngenxa yokushoda, nokunensa, nokuncika kwebandla, ukholwa ukuthi indaba yamaJuda, emuva lapho, eyaxoxwa, ukuthi bafika baYeba bayikhipha ethuneni ngesikhathi sasebusuku, basacabanga ukuthi kunjalo. Ngikholwa ukuthi kwakucishe kube amaphesenti angamashumi ayisikhombisa amaProtestane ayengakholelwa ngisho naseku—kuvukeni ngokomzimba, noma ukufika kwangempela, izibalo zakukhombisa. Bakuphika kalula. Abaningi babo, izinkulungwane zabo ziphika ukuzala kwentombi.

49 "Bayisusile iNkosi yami." Ngani na? Bafanele. Uma ungenakukholelwa ekuvukeni ngokomzimba, khona-ke ungeke washumayela uKristu onguye izolo, namuhla, naphakade. Ungeke walithatha iZwi laKhe, manje-ke kuthiwani ngakho na? Sizenza abangakholwayo nabaphikinkolo. Akumangalisi ibandla elincane likhala, "Iphi iNkosi yami na? Uphi uNkulunkulu womlando na? Uphi uJesu owayekhona, owathi Uyoba nathi, njalo Uyohamba phambi kwethu, futhi Uyoba kithi kuze kube sekupheleni kwezwe, imisebenzi Ayenza na?"

50 Futhi lapho ibandla likubona lokho kufezeka, babhizi

kakhulu ngokwenza izinhlangano, futhi lokho akuphumanga enhlanganweni yabo, bakuthatha ngokuthi kungudeveli, futhi bakulahle, ngayo impela nje indlela abenza ngayo ngaleyonkathi. Ngakho-ke lisalokhu lididekile!

51 "Bayisusile iNkosi yami. Ngiye etafuleni lesidlo, bangitshelile uma ngifika, ngithathe isidlo esingcwele iyukharisti, futhi—futhi bakholwe ebandleni ukuthi... Awu, ngahamba futhi ngenza lokho, futhi ngabonani na? Lutho. Inqwaba yesayense yezenkolo, inqwaba yesayense ephathelene nengqondo, kodwa ukuthola iNkosi yami evukile, angiYitholanga. Bangitshela ukuthi uma ngifafaziwe, ngi—ngiyokuthola ngempela, futhi ngenza ngaleyondlela. Bangitshele ukuthi uma ngingabhaphathizwa ngibheke phambili, lokho kuyoba yikho, emuva, ngiyokuthola ngaleyondlela. Ngenze yonke imibhaphathizo, ngijoyine onke amabandla, ngafunda zonke izivumokholo zabo, futhi iphi iNkosi yami na? Ubani owaYisusa na?"

52 "BaYisusile." Ubani owaYisusile na? Inhlangano yaYisusa. Manje, phika lokho kanye, futhi ngizofakazisa kini ukuthi lokho kungokomlando impela, into eyaYisusa, yabumba ibandla eliKatolika, kwakuyinhlangano. NamaProtestane aphendukela emuva ngqo, futhi enze into efanayo nebandla eliKatolika elayenza, enze inhlangano ngakho. Futhi lapho wenza lokho, ususa uNkulunkulu. Bhekisisani umlando, bhekisisani imiBhalo, futhi nibone ukuthi akugcwaliseki yini, ncamashi. "BaYisusile."

53 Nginomfowethu laphaya, uyi-Oneness, futhi nginoyedwa ngapha yiTwoness, futhi ngineyodwa ezansi lapha ingo*kunye-ukuba munye*, noma into ethize efana naleyo. Kuyini na? Yi*zimfundiso ezigqamileyo* ezincane eziba yikho, emva kwesikhashana, *okwakuyizimfundiso ezigqamileyo*. Kunjalo. Kodwa kuyini na? Umlayezo usalokhu ufana: uKristu wavuka kwabafileyo. Ungakhombi umuntu enhlanganweni, noma kwesinye isimo sento ethize, mkhombe kuJesu Kristu, Onguye izolo, namuhla, naphakade, Uvukile kwabafileyo, futhi NguYe okufanele ubheke kuye. Namhlanje sifuna ukubakhomba kwezinye zezikole zethu ezinkulu zesayense yezenkolo, ezinye zenhlangano yethu.

54 Kodwa ukuphulukiswa kwakhe kwafika ngokukhala kwakhe, nokushonelwa kwakhe. Ukwelapha kwakhe kwafika, ukuphelelwa yithemba kwakhe kwase kuphelile ngenkathi ezwa igama lakhe libizwa, futhi waMqonda njengeNkosi yakhe. Futhi wabuzwa, "Nimfunelani ophilayo phakathi kwabafileyo na?" NoMariya wathola ukuthi iNkosi yakhe yayingekho kulezozivumokholo ezifile. Futhi kwathi nje ibandla laqonda, njengoba kwenza uMariya, ukuthi iNkosi yethu evukile ayikho esivumwenikholo, kusesehlakalweni somuntu siqu sombhaphathizo kaMoya oNgcwele enhliziyweni yekholwa...

Akekho esivumwenikholo, Akekho ezinhlanganweni zebandla, Akakho, Usenhliziyweni yekholwa. Wayengekho kanye namathuna abo afile, phandle lapho, kodwa Wayephila.

55 O, u—umlayezo onje pho ukuwuyisa ebandleni kulobubusuku! Ngabe bayakwemukela na? Akungaphezu kwalokho, khona-ke. . .kubi kakhulu manje kunoma kwakunjalo ngaleyonkathi. Ngenkathi abafundi bekuzwa, bakholwa, neBhayibheli lathi bathokoza. IBhayibheli lathi, "Kwathi bekuzwa lokhu, bathokoza," ngenkathi behlangana naYe futhi baqonda ukuthi leyo kwakuyiNkosi yabo. Kunjalo nakulobubusuku, lapho owesilisa noma owesifazane, umfana noma intombazane, evumayo ukuphuma iphumele ngale kwesivumokholo sebandla lakho. Angikutsheli ukuthi ungabi ngowebandla lakho, lokho kulungile, kodwa ungawufihli nje umphefumulo wakho emva kwalesosivumokholo, ucabanga ukuthi lokho kuzokusindisa. Awusoze wasindiswa uze uthole uKristu njengoMsindisi wakho siqu noMoya waKhe ugcwalise impilo yakho, khona-ke lezizibonakaliso ziyakubaphelekezela abakholwayo.

56 Hhayi umdlalo wokudansa wokujabula, njengoba nibone inqwaba yamaPentecostal yenza, hhayi amakhaza ezidumbu, njengoba nibona inqwaba yabo bonke benza, namaPentecostal asethi awaphume emdlalweni wawo wokujabula manje, asebuyele emakhazeni ezidumbu, nawo. Hhayi kanjalo, awubethuli kulokho, kodwa kophilayo, uKristu ovukile. Amen. Yilokho esizo. . .Khona-ke unenjabulo. Njengabafundi, lapho uhlangana naYe, futhi uyazi, futhi ngenkathi Enza isibonakaliso phambi kwabo futhi wabakhombisa ukuthi WayenguJesu ofanayo, enza izinto ezifanayo Azenza, akekho omunye owayengakwenza ngaphandle kwaKhe, futhi baqonda ukuthi Leyo kwakuyiNkosi yabo futhi babejabule.

57 Ngani, uTheyofilu nabo, kwabathatha usuku lonke gulukunqu ukuwelela e-Emawuse, uhambo losuku lweSabatha, babengekho ngaphandle kwemizuzu embalwa bebuyela emuva. O, emva kokuba sebethole iqiniso, ukuthi Wavuka, ngoba babeMbonile egcina iZwi laKhe, futhi eLigcwalisa, futhi enza ncamashi njengoba Enza ngaphambi kokuba Abethelwe, bahamba beshesha ezweni lonke, ngiyacabanga babeshaya nje njalo emayadini amane noma amahlanu. Babejahile, babefuna ukutshela bonke abanye, "Impela iNkosi ivukile ngempela!" Babenento ethize enhliziyweni yabo.

58 Babengayi ngale ukuyophikisana ngamaphuzu abo enkolo, babewela ukuba bathi, "Ngiyazi Uyaphila. NgiyaMazi ngoba Ubonakale kithi, futhi siMbonile enza into efanayo Ayenza ngaphambi kokuba Afe, ngaphambi kokuba baMbulale phezulu lapho. Futhi abazange bawebe umzimba waKhe, nabesifazane uqinisile impela, ngoba Uvukile kwabafileyo, ngoba kwakunguYe."

59 Base-ke bebhekana ngenkathi bema ngaphansi kwe, ndawondawo ukuba baphumule kancanyana, "*Hefu*, *hefu*, *hefu*." Futhi wathi, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu na? *Hefu*, *hefu*. Besifanele sazi ukuthi lowo kwakunguYe, indlela Ahamba ngayo yonke indlela emuva le emBhalweni. Si. . . Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhuluma kithi endleleni, futhi wavula umBhalo na?"

60 Wathi, "Abangaqondiyo na," Akazange. . . "abalibele enhliziyweni ukuba baqonde. Ubengafanele uKristu ahlupheke, futhi angene enkazimulweni yaKhe," njengoba kwasho umBhalo.

61 Niyabo, bazi ukuthi lowo kwakunguJesu, ngoba Waqondana ngqo nemiBhalo akunandaba ukuthi abanye bathini. Futhi masinya ibandla lifika endaweni liyohambisana emgqeni nokufundisa komBhalo esikhundleni sokuzama ukuthatha isayense yezenkolo eyenziwe ngumuntu, ngokushesha uyothola uKristu ovukile. Kunjalo, mfowethu. UNkulunkulu akakhi phezu kwesinye isisekelo kunaleso esesivele sibekwe ngabaphostoli. Kunjalo. O! Yebo, babejabule.

62 Amabandla anamhlanje aseshintshile kulokho ayeyikho ngoSuku lwePhentekoste, nokho. O, kungakanani ukushintsha abakwenzile kusukela ngalolosuku! Amabandla ayahlangana namhlanje ukuhlonipha, kubonakala sengathi, ngiyakuzonda ukusho lokhu, kodwa kimi kubonakala sengathi amabandla ahlangana namhlanje ukuhlonipha isidumbu. Bangena endaweni futhi bacula elithi *Eduzane, Nkulunkulu Wami, KuWe*, nolunye uhlobo olunensayo, into *engamakhaza ezidumbu* kanjalo, yenza umsindo okhandlekile. Ngani, ba—bafika ngakuwe, bathi, "Manje, asisho manje isivumokholo somphostoli. Asiphindaphinde lesisivumokholo esi*thize-thize* ukuthi uDkt. *S'bani-bani* woku*thize-thize*, u*kuthi-nokuthi*. . ." O, he! Njengoba wawuzisola ngakho.

63 Futhi ingxenye yabo ihlala ekhaya ukuba ibuke ithelevishini, esikhundleni sokuza enkonzweni ngeSonto. Kunjalo. Bafile, nje—nje isidumbu sihambahamba, bese-ke kuba yisidumbu sishumayela, nesidumbu sizama, sixoxa ngesidumbu esake saphila, futhi sahlala ethuneni eminyakeni eminingi eyedlula, isidumbu. Futhi isidumbu nje, isidumbu, isidumbu!

64 Bazohlonipha uKristu owafa eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye eyedlula. Yilapho cishe impela amabandla ekhona namhlanje, ezama ukuhlonipha isidumbu, esikhundleni sokuhalalisa uMnqobi. Amen. Udumo kuNkulunkulu! Ngiyajabula ukuba yiPentecostal enhliziyweni, hhayi ngehlelo, qhabo, mnumzane, hlikihla igama lami lisuke lapho, kodwa njengesehlakalo. Asizi, senza udumo endodeni ethize efile, sihalalisela uMnqobi, Owanqoba ukufa, isihogo,

nethuna, nokugula, onke amademoni, konke ukungakholwa, wakunqoba.

65 Manje, ungacabanga uma lesisikole, lapha, sasineqembu lebheyisibholi, noma iqembu lebhasketbholi, futhi baphuma futhi banqoba isitha sabo futhi babuyela emuva, ubungathini nje bemi kanjalo, becula uhlobo oluthize lweculo elincane njengokuthi *Eduzane Nawe Nkulunkulu Wami* kubo na? Kungani bephephezelisa amaflege futhi bebahalalisela futhi benza. . . Kuthiwani ngenkathi uNapoleon esebuyile na? Kuthiwani ngoStalin, ngenkathi bengena eJalimane, ukuthi badubula kanjani izibhamu futhi benza iGerm-. . . , noma, i—isaluthe, futhi babeka imilenze yabo ngale kwaleyo saluthe yaseRashiya na? Kuthiwani ngenkathi abafana bethu sebebuyela ekhaya bevela ekunqobeni kwabo na? Izimpempe zabethwa, abantu badlebeleka, badubula izibhamu, badazuluka, bakhalisa izinsimbi. Kungani na? Sisinqobile isitha sethu. Udumo!

66 Futhi namhlanje ubungacabanga ukuthi ukolunye uhlobo oluthile lwamakhaza ezidumbu, bangene ebandleni futhi bona, "Si*kholelwa* kuNkulunkulu uBaba u*Somandla*." Ngiyakholelwa kuJesu Kristu ovukileyo, amen, uMnqobi wokufa, isihogo, nethuna. Ngiyakholwa ukuthi Uyaphila kulobubusuku, futhi kulesisakhiwo, uyaphila, kanye nathi ngokwesithembiso saKhe, "Lapho kubuthene ababili noma abathathu, Ngiyoba phakathi kwabo." Yebo, mnumzane. Hhayi inkonzo ethile yomngcwabo, kodwa ukuhalalisela uMnqobi onaMandla!

67 Kodwa inkathazo ngathi, asibheki kuMnqobi wethu, sibheka igosa lethu, sibheka komunye umvangeli omkhulu, omunye umuntu lapho. . . siyabona ukuthi bathini ngakho, yebo, mnumzane. Si—si—siyabhekana, kodwa siyayalwa ukuba sibheke kuYe. Sibheka ukusho, manje uma kukhona *enye into* eyenzekayo, "Awu, iNkosi yenze into ethize, Yaphulukisa omunye umuntu, Yenze enye into enjengaleyo."

68 Kodwa, "Awu, manje," singathi, "ake sibone ukuthi uDkt. Jones uthini ngakho. Uma ibandla lethu lingakukholwa lokho, si—singeke sikwemukele." Niyabo? Ubheka kulokho okushiwo yigosa, ubheka lokho okushiwo ngumbhishobhi, khona-ke awusoze wambona uKristu.

69 Lapho bezwa ukuthi uJesu wayevukile kwabafileyo, futhi wabonakala phakathi kwabo kanjalo, abazange bame futhi babhekane, babheka kuYe. Bazibonile izibazi zaKhe, bawabonile amandla aKhe, baMbonile enza izimangaliso Azenza ngaphambi kokuba Afe, futhi bazi ukuthi kwakunguNkulunkulu wabo ophilayo, futhi ababhekananga, kanjalo abacelanga-muntu ukuba ababheke.

70 Kodwa namhlanje, abantu abakhuntubele bayaphuma, "NginguDkt. *S'bani-bani* onemfundo e*thize-thize*. Ngiyi Ph.D., LL.D., Q.S.T.," nazo zonke lezi ezinye izinhlobo ze—zezinto,

futhi uphi uKristu kukho konke okwakho na? Sinani na? Amakhaza ezidumbu, futhi sikhonza uKristu ofile ethuneni. Asikhonzi uKristu ofile ethuneni, iBandla eliphilayo, iBandla likaNkulunkulu ophilayo, sikhonza uMnqobi ovukileyo, Owanqoba ukungakholwa kwethu, nazo zonke lezozivumokholo, futhi wababhabaza ngaphansi kwezinyawo zaKhe, wayesethi, "Ngingowenu, nani ningabaMi." Amen. "Ngiyaphila kuze kube phakade." Lowo nguMnqobi oMkhulu, YiLowo, YiLowo ukholo lwami olumbhekayo.

71 Esifuna ukukwenza namhlanje ngukungabheki ngakulabo abampofu, abadla ugalikhi abalilayo emuva lapho, emuva ehlane, befuna izimbiza zenyama zaseGibhithe, babegqoke izikhindi nezingubo nezindebe ezipendiwe, futhi begunda izinwele zabo, futhi bephika amandla kaNkulunkulu, bayeke kanjalo, bayobhubha lapho ehlane, asilandele uJoshuwa wethu omkhulu, haleluya, uMholi wethu. Ungabuzi-mibuzo, yima esinyathelweni nje, yilokho kuphela. Qhubeka nje uqhubeka. Ungabheki emuva kubo, ungabanaki. Bafuna ukuhlala eGibhithe, futhi bomele izinto zezwe nazo zonke izingcweti zabo zamabhayisikobho ezindala nabalingisi nakho konke, mabaqhubeke. Sibheka kuJesu, sibheka kuJoshuwa wethu.

72 Asibhekile ukoma. Inkathazo yakho inamhlanje, wena uthi, "Manje, linda, awufanele uphuze, awufanele uye emibukisweni yezithombe, anifanele nenze *lokhu*, anifanele. . . abesifazane abafanele bagunde izinwele zabo, abafanele bagqoke izikhindi." O, ngiyabona nje uma umuntu othile eke wawelela kwelinye iZwe, futhi ake adle amanye amagilebhisi aseKhanani, adle amanye amapomegranati, nolunye uju oluhle laphaya, abasawufuni ugalikhi wezwe.

73 Into yakho ingukuthi, sibapha nje ugalikhi omdala nezinto, futhi sibayekele bome nobuhlungu besisu emuva, ngiyaxolisa ngalesosisho, lokho akungalungile e—epulpiti. Kodwa qhubekela emuva, uma befuna ukuya ezweni, mabaqhubekele emuva, thina siya phambili. Sise. . . sizolandela okwethu. . . Hhayi nje emuva eZenzweni 2:4, sizulazula emuva lapho phezu komhlabathi ofanayo. Benzani na? Bahlala lapho iminyaka engamashumi amane, futhi bafela lapho. Emuva ngqo phezu kwento endala efanayo, ngaso sonke isikhathi. Lokho kulungile, iZenzo 2:4 yingxenye yakho, kodwa into yakho ingukuthi, Wathi, ngelinye ilanga, kokwaKhe. . . "Vuka, usube kulentaba iminyaka engamashumi amane, phendukela enyakatho, uwele iJordani ngaleya, ukwehlukana, ngokuba kukhona okungaphezu kwalentaba kwenu." Kukhona okungaphezu kweZenzo 2:4 kwenu, sonke isithembiso eNcwadini singeseBandla, noNkulunkulu ulindele iBandla laKhe ukuba livuke futhi likwemukele.

74 Ungakwenza kanjani uma usalokhu womile futhi ufuna ukufana nezwe na? Bangakwenza kanjani lapho besadla,

belangazelela ugalikhi, amabhodwe enyama aseGibhithe na? Qhabo. Hlala uhambisana noJoshuwa. Kunjalo. Thola amagilebhisi amasha neWayini elisha lePhentekoste, udakwe yiLo, Mfowethu, ungeke—ungeke—u—ungeke usabheka ngisho nasezweni, *okuthile* kuzokwenzeka kuwe.

75 O! Asiqhubekele phambili nje, silandela izinyathelo zoMholi wethu omkhulu, futhi sikunqobe. Khumbulani, uNkulunkulu watshela uJoshuwa, "Yonke indawo amathe onyawo lwakho anyathela khona, lelo yifa." Mfowethu, khona-ke izinyathelo zisho ifa. Masiqhubeke nje sihambe siyongena eZweni eliThenjisiwe, singabheki emuva ukubona ukuthi kwakwenzekeni emuva lapho, nokuthi omunye umuntu wenzani, gcina amehlo akho kuJesu, uJoshuwa, uMholi. Qhubeka nje uqhubeka, izinjulo ezijulile nokuphakama okuphakeme, uze unqobe yonke into uNkulunkulu akwethembise yona eZwini laKhe.

76 Bonke abantu bangekwemukele lokhu. Lokhu kufihlakele emehlweni ezwe, futhi kungubuwula kubo, kodwa labo abazelwe futhi bakhethelwa ukuPhila okuPhakade, bayakukholwa. Siyalibona ihora esiphila kulo. Asiye phambili, sikhumbula lokhu, ukuthi sineNto ethize emva kwethu, UJesu wathi, ngenkathi Ethuma abafundi baKhe, "Nginikiwe onke amandla emazulwini nasemhlabeni." Impela. Lokho kusemva kwethu. Ini? Kuso sonke isithembiso Asenzayo, ngoba onke amandla aphiwe Yena, uBaba unikele onke amandla eNdodaneni. "Futhi yonke into eseZulwini, onke amandla eZulwini, angawaMi," kwasho uJesu, "futhi Nginawe." Okuthile okusisekelayo.

77 Sikhumbula lokhu lapho sihamba, kukhona iNto ethize—kukhona iNto ethize emva kwethu, iNto ethize kithi, neNto ethize ephambi kwethu. Amen. Lokho ngukuthi, "Woza, ukholwe, futhi uhambe." INto ethize emva kwethu, iNto ethize kithi, neNto ethize ihamba phambi kwethu. Wayekhona, Ukhona, futhi uyofika. UJesu ofanayo owayekhona, nguJesu ofanayo kulobubusuku, noJesu ofanayo oyofika; onguye izolo, namuhla, naphakade. "Woza, kholwa, futhi uhambe, futhi utshele omunye umuntu ngakho." Amen. O, ngiyakuthanda lokho. Udumo kuNkulunkulu!

78 Ukuphila kwaKhe, Ayeyikho kithi, ngukuphila kwaKhe kwangemuva, Wasinika lokho Ayeyikho ukuze singadukiswa kulokho Ayikho namhlanje. O, ngiyakuthanda lokho. Amen. Ungathathi izwi lanoma ubani ngakho, thatha iZwi likaNkulunkulu ngakho. IBhayibheli lathi, uJesu wathi, "Uma nihlala kiMi, neZwi laMi lihlala kini, ningacela enikuthandayo, futhi niyakuphiwa khona." UJesu wathi, "I. . .Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina, naye uyakuyenza." UJesu wathi, "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze

kube sekupheleni kwezwe. uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade."

Sazi kanjani na? Abantu bathi, "Ngani impela, ngiyakukholwa lokho."

79 UJesu wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Lezozibonakaliso azikho phezu kwakho, wathi, "Zingaba khona, mhlawumpe ziyoba khona, bezifanele," Wathi, "Zi*yaku*kwenza." Kulungile. "Zi*yaku*balandela abakholwayo." Yebo, mnumzane.

80 Futhi Ushiyeni na? Washiya impilo yaKhe yangemuva ukusikhombisa ukuthi Wayeyini. Yilokho okusemva kwethu, ukuze sikwazi ukusho ukuthi kuzoba yini kithi. O, angi... Whewu! Sibuka emuva ukubona ukuthi Wayeyini, khona-ke singabona manje, ukuthi Uyini. UJesu akazange abe ngusiyazi wezenkolo onguntamo-lukhuni, Wababiza ngesigejane sabazenzisi, nezinyoka otshanini, nakho konke okunye, izindonga ezicakiwe, amathuna agcwele amathambo abantu abafile; Wababhavumulela. Akazange ajoyine noma yiliphi lamaqembu abo, kodwa Wahlala noMlayezo ovela kuBaba. Wahlala nemiBhalo, "Akulotshiwe yini emiBhalweni yenu na?" Akunandaba ukuthi babefuna ukubonani, nokuthi babefuna ukwenzani, babeMfuna ukuba avuse *lona* futhi enze *lowo*, Wathi, "Ngenza lokho uBaba aNgibonisa ukuba ngikwenze. Angenzi lutho ngokwaMi, kodwa lokho eNgibona uBaba ekwenza kuqala."

81 UMose wathi Uyoba ngumProfethi, uMesiya wayenguye, futhi Uyokwahlulela imicabango yenhliziyo yabo. NoJesu wayeyiZwi likaNkulunkulu elibonakalisiwe, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu." WayenguNkulunkulu enyameni, futhi yingakho iZwi likaNkulunkulu lalikuKristu, futhi WayeyiZwi likaNkulunkulu, neBhayibheli lasho, ukuthi iZwi likaNkulunkulu, kumaHeberu isahluko 4, libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili. Uzokwenza kanjani lokho futhi ube ngowenye inhlangano, uthi, "Yisho lokho futhi sizokuxosha"? Uzokwenza kanjani lokho na? Elusizi. O, he!

82 Ngi—ngiyazi ngenza izitha, kodwa ngenza abangane Lapho, ngakho leyo yinto esemqoka. Niyabo, angikhathali ukuthi umuntu uthini, kuyilokho uNkulunkulu akushoyo. Ngitshele ukuthi akusilo iZwi. Bukani lapho esifike khona, qalazani nxazonke futhi nibone ukuthi sifa kanjani. Vuka futhi uzithintithe, buyela esehlakalweni sePhasika sovuko ukuthi uJesu Kristu uyaphila namhlanje. Uyaphila manje kuze kube phakade. Yebo. Hhayi...

83 Usenguye namhlanje. Ubonakale kithi izolo futhi wafakazisa ukuthi Wayeyini emva kwethu, ukuze Abe yiLokho

okukithi. Futhi u—umcabango oyisibambiso engqondweni yethu walokho Ayoba yikho: Uma lokhu kuyinkazimulo uma Ehlela phakathi kwethu manje, kuyobanjani lapho sesinomzimba ofana nowaKhe na? Khona-ke siyabona ukuthi sineNto ethize ngemuva, ehamba phambi kwethu, ihambe phambi kwethu ukusilungiselela indawo. Siyabonga Nkulunkulu ukuthi asizukudingeka njalo ukuba sibe yizidalwa eziboshelwe emhlabeni!

84 Usehambile, U. . .Wayekhona, siyabona ukuthi Wayeyini, sibuka emuva futhi sibone ukuthi Wayeyini, ngakho siyabona ukuthi Uyini namhlanje. Uma WayenguMahluleli wemicabango yezinhliziyo ngalolosuku, ngenkathi WayeyiZwi, uma Elapha namhlanje, UnguMahluleli ofanayo wemicabango yenhliziyo. Lokho Ayeyikho, Uyikho namuhla, futhi uyakuba njalo kuze kube-phakade. Uma WayenguMsindisi othandekayo emuva lapho, uMdali, UnguMsindisi onothando ofanayo, uMdali namhlanje, futhi Usemva kwethu, phakathi kwethu, naphambi kwethu. "Woza, futhi ukholwe, futhi uhambe, futhi utshele omunye umuntu."

85 Asikukholwa, kungenjalo besingeke sihlale sife kangaka nazo zonke *izinkambiso* zethu, babavuse futhi babahlalise phansi, nakho konke okwethu. . .ngeSonto ekuseni, izinhliziyo zethu beziyovutha nguMlilo wePentecostal, besingeke sikumele. Kwakuyilokho eminyakeni engamashumi amane edlule ebandleni lePentecostal, kodwa nalihlela, nalibulala. Nabulala—nabulala a—a—nabulala labo ofuna ukukholwa lokho, kodwa kunabanye abangakukholwa lokho, abaphila ngakho.

86 Ngenkathi iNsika yoMlilo, lapho Eyama khona, abantwana benza ikamu elincane, abazange bagxumeke amathende abo unomphela, ngokuba noma nini lapho leyoNsika yoMlilo inyakaza, babehamba naYo. ULuther waYibona futhi uphuma ebandleni eliKatolika. Kodwa ngenkathi uLuther efa, benzani na? Balihlela, iNsika yoMlilo yaphuma, noWesley waYilandela. Ngenkathi uWesley efa, balihlela, kwase kwenzekani-ke na? INsika yoMlilo yaqhubeka, namaPentecostal aYilandela. Impela, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Manje, amaPentecostal ahlelile, futhi yenzani iNsika yoMlilo na? Iqhubeka, namaPentecostal ayafa. Ngani, nje ku—nje kunjalo impela. Hhayi, isehlakalo sePentecostal asifi, kodwa inhlangano yePentecostal ayifi, ifile. Yenza lokhu ngenkathi ihlela.

87 Bafile, bonke. Omunye angeke—omunye angeke abiza. . . Iketela alikwazi ukubiza ibhodwe ngokuthi linamafutha, ngoba kuyafana nje. Kunjalo. I-Oneness ingeke yampongolozela iTwoness, neTwoness ngeke yampongolozela iThreeness, nama-Assemblies ngeke ampongolozela iChurch of God, neChurch of God ayikwazi ukumpongolezela i-United, onke asenyandeni eyodwa enkulu. Ngenkathi behlela, baYibulala, abazange baYibulale, baYixosha phakathi kwabo, ngoba badweba

indingilizi futhi, "Singene *lapha*." UNkulunkulu ungowomhlaba wonke, onamandla onke, uNkulunkulu osezindaweni zonke, Akaboshelwe ezivumwenikholo zamuntu. Amen. Uma Ephila, Uyakufakazisa, uma Engakufakazisi, khona-ke Akanjalo.

88 "Woza, kholwa, futhi uhambe, ubone." Yebo, mnumzane. Inkathazo yakho ingukuthi, ezweni, bayazama, ibandla lizama ukunikeza izwe isigejane esikhulu so—sokuzijabulisa. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . .?. . . ezinkundleni zabo, asifanele. Senzani na? Sibanika nje ibhodwe elikhulukazi eliphekiwe, isitshulu se-mulligan sezenkolo. Yilokho kuphela. Bakubiza ngamaphathi enhlaliswano, nemidlalo emincane yebunco, namasapha amasobho ukukhokhela umshumayeli. Umbhedo! Leyo akusiyo indlela yokuphatha ibandla. UNkulunkulu wathumela uMoya oNgcwele ukuphatha iBandla. Kunjalo. Kodwa sizama ukunikeza izwe. . . Ngani, ungeke wahlangana nalabobantu kulokho, sebevele banakho lokho. Bayizihlakaniphi kwezokubungaza. Bayisihlakaniphi, ngakho ngeke sabenzela lutho.

89 Asibanike iNto ethize abangenayo. Haleluya! INto eyodwa abangenayo nguJesu. Amen. Ungazami ukubungaza nabo, uhlangana nabo enkundleni yabo. Shumayela uKristu, futhi ubavumele beze ku*le*nkundla, futhi bathole ukuthi banani. Uma befuna ukuhlala ezweni likagalikhi, mabahlale. Asifanele sihlangane nabo lapho, asisibo abalingisi, singabaphostoli. Haleluya! Asinjalo. . . Asisizo izinkawu, njengoba bethi siyizo, singamadodana kaNkulunkulu, sidalwe ngomfanekiso waKhe. Umbhedo kulesosigejane! Suka kuso, kukhona uKristu ophilayo. Amen.

90 O, iNto eyodwa abangenayo nguJesu. O, si—singabanika bonke. . . O, banenqwaba yesayense ephathelene nokusebenza kwengqondo, izinkolo zefilosofi, nakho konke. O, o, he, ba—ba—bathwele lokho, kodwa yinye iNto abangenayo nguJesu. Kunjalo. O, banokuzijabulisa, bangenza ukuqophisana kwebhasketbholi okukhudlwana kunoma ungakwenza, impela bangakwenza, bangabeka amadoda phezulu kulawomabhayisikobho, phandle lapho, abengakhithika adlule noma yini obungayenza. Kunjalo. Bayizihlakaniphi kukho, ungazami ukuqhathanisa nabo. Akashongo yini uJesu ukuthi abantwana bezwe, ukuthi bayini na? Kunjalo.

91 Kodwa yinye iNto abangenayo, nguJesu. Futhi yilokho esifanele sikumele, ukubatshela. Hhayi ukuthi sinenkundla enkulu yokuvocavoca umzimba, futhi sineklasi likaSonto sikole elikhulu kunawo onke, futhi—futhi sinikeza *lokhu*, futhi sinezidlo zakusihlwa, futhi sina*lokhu* okwebandla lethu, nemidanso, "Uma uzoza ujoyine ibandla lethu, sinomdanso njalo ngoLwesithathu ebusuku. Njalo ngoLwesine ebusuku, emva kokuphela komhlangano womkhuleko, siba nomdanso omncane ekamelweni elingaphansi."

92 Lapha ngolunye usuku ngenkathi lokhu, nasibona lesisithombe esivela eLandani, esingena esikrinini, lapho lesosilima esisesincane laphaya, isigejane se, ibandla lePresbyterian, lifaka u—umdlalo wemidlwembe wovuko, noma, ukubethelwa na? Nginakho khona lapha ephephandabeni, futhi nje kwaxhuxhumisa iNgilandi yonke indawo. Bekukumaphephandaba ethu lapha. Babenomfana ogqoke kahle egqoke ishethi lakhe elinemishwe kaswidi, nejini etebhiselwe ezinqulwini zakhe, futhi yena wayenguJesu. Babenomunye, uJuda, futhi wayedlala isiginci esincane *kanje*, ehamba ehla enyuka, ukusakaza kuzwelonke, "Ngizomthola kulobubusuku, s'thandwa, ngizomthengisa." Futhi konke kanjalo. Nentombazane izibinya, isho, ngoJesu, ithi, "Ngiyamthanda umama wami, ushomi omdala, akwenele kangako lokho, mhlonishwa?" Kanjalo. Ihambahamba kanjalo, lapho ibandla lezenkolo elizehlisa kanjalo, selihambile! Benzani abantu na? Babecabanga ukuthi kwakumangalisa.

93 Awu, ucabanga ukuthi leyo yinto ethize na? Ezansi ngqo ezweni lakithi uqobo, njalo ngoLwesine ebusuku kwelithize elikhulu, ibandla lenhlangano, umelusi, nabo bonke, ufaka umdlalo wemidlwembe. Isithombe ekhasini lokuqala nentshebe ende, umdlwembe.

94 Ibandla elithile lehlelo, umngane wami wangibiza ngobunye ubusuku ukuba ngehle, wenhlangano enkulu yobungcwele, futhi babefaka umdlwembe, noma, qhabo, iphathi yomculo wokuzibinya. Futhi ngisho nendoda yayenza ukusakaza kukamabonakude yathi, "Awesabi ukuthi uzothola ukugxekwa na?"

Uthi, "Kunesikhathi eside *eqinisekile*, lenhlangano yebandla, yakhohlwa ubuciko obuhle bomculo wokuzibinya."

95 Lapho sekufika endaweni lapho ibandla lizofanele libeke khona ezokuzijabulisa, abalusizi, abahlubukile, iqembu labantu eliqonde esihogweni! Lapho sekufika endaweni ukuthi singeke samela uJesu Kristu emandleni okuvuka kwaKhe, usonge iminyango yakho bese ubuyela ezweni, ngoba ufile noma kanjani. Amen. Ya, kodwa yilokho-ke. A-hha. O, yebo.

96 Asikwazi ukubenyezela sibedlule. UngukuKhanya, UngukuKhazimula, hhayi ukubenyezela. UJesu akakwenzi, akisikho ukubenyezela njengezwe libenyezela, kodwa Ungukukhazimula okuthambile kokuKhanya. Amen. Futhi ungeke ukuKu*khanyisa*, ufanele uKuvumele kukhanye. Ungazami ukuKusebenza, ngoba ngeke kukusebenze. Yileyo indaba. Uma bengenakubathola ngenye indlela, babathola ngenye. Uma bengakwazi ukukusebenza, ukuzama ukwenza ukukhanya kwabo kukhanye, benzani na? Awu, bazama... Lokho ukwakheka kokufakelwa. Ungeke waLenza likhanye, nje Liyeke likhanye. O, haleluya!

97 Sikhathi sini na? Ngizwe i-alamu lewashi lami, futhi sengidlulile esikhathini. Uvukile kwabafileyo, Uyaphila. Uyini umlayezo namhlanje na? "Woza, kholwa, hamba utshele abanye ukuthi Uvukile kwabafileyo." Uyaphila, futhi Ubonakala eBandleni elikhethiwe kulobubusuku. Njengoba Abonakala ngaleyonkathi, Akwenzayo ngaleyonkathi, bengihlale nginitshela ukuthi uNkulunkulu ungongenasiphelo futhi angeguquke, futhi uma leso kwakuyisimo saKhe sokuziphatha maqondana nezwe ngaleyonkathi emva kokuvuka kwaKhe, kuyinto efanayo namhlanje. NoJesu wafakaza into efanayo ngokuthi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu."

Asikhothamise amakhanda ethu.

98 Nkosi Jesu, ngezinye izikhathi ngi—ngiyazibuza ukuthi angisangene yini, lapho ngicabanga ngokubona isiqalekiso esesabekayo esizofika kulomhlaba, lapho ngicabanga ngamabandla azama ukuba ngababungazi, ezama ukulingisa izwe. Nkosi Nkulunkulu, o, Wena—Wena wathi, "Baba, Ngikhulekela ukuthi ubasuse ezweni. Khipha izwe kubo, ubagcine ezweni." Wakhulekela ukuthi basuke, abafundi baKho, ezweni, futhi nampa babuyela ngqo ezweni, bezama ukuqhathanisa nezwe.

99 Nkulunkulu, siphe, siza Nkosi, omunye uzobamba uMlayezo, impela, bazokwazi. Unguye izolo, namuhla, naphakade. Awufile, kodwa uphila kuze kube phakade. SiyaKukholwa, Nkosi. Futhi umuntu angakholwa kanjani uma Ungambizi na? UJesu wathi, "Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engambizanga kuqala. Futhi bonke uBaba waMi ababizile, ababizile, bayoza." Futhi siyazi ukuthi lokho kunjalo. Bayokuza. Futhi kungumsebenzi wethu nje ukukushumayela, futhi sidedele amacembe awelele lapho efisa khona, nezimvu ziyalizwa iPhimbo.

100 Nkulunkulu, impela, emva kokukhuluma ngaWe, ngokuvuka kwaKho, ukubaneka kwezindaba okukhulu kunakho konke okwake kwabaneka ezweni ngukuthi "UKristu wasifela, futhi uvukile futhi, ephila kithi, ehamba nathi, ephila kanye nathi, ukuba Azifakazele kithi, onguye izolo, namuhla, naphakade." Nkosi, angazi lutho olukhulu.

101 Ngiyakhuleka manje, ukuthi amakholwa amaningi azokholwa kulobubusuku, ngokujulile, ukuthi abaningi abangakholwayo bazokholwa okokuqala, ukuthi abaningi abangagcwalisiwe ngoMoya oNgcwele bazogcwaliswa futhi babe ngumphostoli waKho kulobubusuku, umfundi omkhulu ukuba aKulandele, futhi hamba uyotshela abanye. Kwangathi bangabuka phakathi phezu kweBhayibheli futhi babone ukuthi Wafa, ukuze sibe nalenhlanhla. Kwangathi bangakholwa lapho beMbona evela, futhi kwangathi-ke bangashiya ibandla, futhi bahambe batshele abanye ukuthi uJesu uyaphila. Kwangathi

bangahamba nezinhliziyo, nezinyawo ezilula nenhliziyo elula ukutshela abanye, njengoba kwenza uTheyofilu nomngane wakhe, evela e-Emawuse.

102 O Nkosi, Uzobonakala phambi kwethu kulobubusuku, lapha na? Woza phakathi kwethu futhi wenze okuthile e. . . kulababantu, njengoba nje Wenza ngaphambi kokuba Ubethelwe, ukuze bazi ukuthi uMlayezo wehora ungoweqiniso, Uvukile kwabafileyo. Ngiyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

103 Sekuyisikhathi sokuvala ngempela, kodwa ngiyakholwa, indodana yami ihlangane nami lapho emnyango, futhi yathi inikezela ngamakhadi omkhuleko, nomgcini wangitshela, noma, umfana onakekela izibani, ukuthi bebekhiphe amakhadi omkhuleko ukuba bakhulekelwe. Bangaki, ngabe bakhona phakathi lapha ongakaze abe kunoma yiziphi zezinkonzo zami ngaphambilini engiziqhubele iNkosi na? Phakamisani izandla zenu, ongakaze abe kweyodwa yazo. O, awu, singahle sibe nokubona okufihlakele-ke.

104 Uma une. . . Ngabe ukhona noma ubani lapha obese. . . owaba ne. . . ebenikade nonke, njengoba ngithemba ukuthi kwakuseChicago lapha, imihlangano eminingi njengoba ngibe nayo. . .? Bengizocela nje ukuthi uMfowethu Tommy uzoza ngapha futhi ame, futhi asibakhulekele, ukudlulisa amakhadi, kodwa uma kungekho muntu lapha oke. . . Ngibona okubili kokuthathu kwebandla akakaze abe kwenye inkonzo.

105 Ngakho manje, ngifuna ukusho lokhu: Angizisho ukuthi ngingumphulukisi. Noma yimuphi umuntu ozisho ukuthi ungumphulukisi, ungumuntu ophatha kabi abanye ii*heeler*. Kunjalo. Hhayi a p-h-i-l-i-s-a, nokho. Niyabo? Kodwa si—si. . . NguKristu unguMphulukisi. UJesu usevele, eKalvari, wathenga insindiso yakho futhi wathenga ukuhlengwa kwakho, Wathenga ukuphulukiswa kwakho. Bangaki abaziyo ukuthi lokho kuyiqiniso na? Into kuphela Angayenza ngukukhombisa iZwi laKhe, futhi agcine isithembiso saKhe. Ngabe kunjalo na?

106 Ngenkathi Elapha emhlabeni, ngabe Wazisho ukuthi unguMphulukisi na? Qhabo, mnumzane. Wathi, "Ngingenze lutho ngokwaMi, kodwa lokho eNgibona uBaba waMi ekwenza, lokho iNdodana iyakwenza kanjalo," uJohane oNgcwele 5:19. Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuyiqiniso na? Ya. Khona-ke uJesu akazange enze lutho, waze Wabona umbono.

107 Niyakhumbula ukuthi kanjani Yena. . .? Kanjani. . .? Sasiyini isibonakaliso sikaMesiya na? Ubani owaziyo ukuthi isibonakaliso sikaMesiya sasizoba yini na? Umprofethi. Ngabe kunjalo na? Umahluleli wemicabango nokubikezela. Onke amaJuda akholwa ukuthi Wayeyi. . . uMesiya ufanele abe ngu—uMbikezeli wesikhathi esizayo, Ubeyo—Ubeyokwazi ukuthi bekuyini, nokuthi bekuyoba yini, nokuthi bekuyini, leso kwakuyisibonakaliso. Konke. . . UNkulunkulu wathi, "Uma

ekhona phakathi kwenu ongowomoya, noma umprofethi, mina iNkosi Ngiyakuzazisa kuye, ngikhulume kuye ngamaphupho nangemibono. Futhi uma akushoyo kufezeka, khona-ke yesabani lowomprofethi, ngokuba Nginaye. Kodwa uma kungenzeki, khona-ke ningamuzwa, ningamesabi nhlobo, ngoba anginaye." Awu, lowo nje umqondo kuphela.

108 Futhi amaJuda njalo, abantu bakaNkulunkulu abakhethiweyo, njalo babekhumbula uNkulunkulu wakhuluma kubo ngabaprofethi. AmaHeberu 1 athi, "UNkulunkulu, endulo wakhuluma kobaba ngabaprofethi, ngalolusuku lokugcina ngeNdodana yaKhe, uJesu Kristu," manje, kulezizikhathi zamuva, bonke abafundi bomBhalo uyakwazi lokho, kumaHeberu 1, amaHeberu 1:1. Manje, asiqale ekuqaleni, "UNkulunkulu, emandulo wakhuluma kobaba ngabaprofethi ngezindlela eziningi, kulolu izinsuku zokugcina ngeNdodana yaKhe, uKristu Jesu."

109 Manje, Wayeyini na? WayeyiNkosi yabaprofethi, Wayengomkhulu kunabo bonke abaprofethi, ngoba Waye*ngu*mProfethi, "INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umProfethi onjengami." Bangaki abaziyo ukuthi uMose washo lokho e. . .? Ya. Awu khona-ke, ngenkathi Efika futhi watshela uPetru ukuthi wayengubani igama lakhe, uSimoni, kwase kuthi-ke, wamtshela ukuthi igama lakhe kwakunguPetru, ngenkathi Etshela uNathanayeli Wambona phansi komuthi ngaphambi kokuba afike, uNathanayeli wathi, "Qiniso, wena uyiNdodana kaNkulunkulu; Wena uyiNkosi ka-Israyeli."

110 Ngenkathi Etshela owesifazane emthonjeni, wathi, "Ngiphuzise."

Wayesethi, "Ngani, Wena ungumJuda ucela mina umSamariya na? Sinokwehlukana lapha, asihlangani ndawonye."

111 Awu, Wathi, "Kodwa ukuba bewazi ukuthi Ubani obekhuluma nawe, ubuyocela kiMi amanzi. Ngikunika amanzi ongezi ukuzokha, lapha kulomthombo." Futhi Waqhuba ingxoxo. Wayenzani na? Exhumana nomoya wakhe. Khona-ke ngenkathi Ethola ukuthi inkathazo yakhe yayiyini. . .Bangaki owaziyo ukuthi yayiyini inkathazo yakhe na? Wayenamadoda amaningi kakhulu. Ngakho Wathi kuye, "Hamba, ulande indoda yakho, uze lapha."

"O," wathi, "A—anginandoda."

Wathi, "Usho iqiniso, ngokuba ubunamadoda ayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho, ngakho usho iqiniso."

Manje, bhekisisani lowo wesifazane, wayazi kakhulu ngoNkulunkulu kunengxenye yabashumayeli baseChicago. Kunjalo, kunjalo. Wathi, "Mnumzane. . . "

Manje, bhekisisani ukuthi labobashumayeli bathini ngenkathi beMbona ekwenza, bathi, "Ungumbhuli, uBelzabule."

112 UJesu wathi, "Ngiyanithethelela ngalokho, kodwa ngoluny'usuku uMoya oNgcwele uyeza ukuzokwenza into efanayo, futhi ukhuluma izwi elimelene nawo, akusoze kwathethelelwa kulelizwe, nasezweni elizayo." Kunjalo na?

113 Lona wesifazane wathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena." Wathi, "Siyazi, thina maSamariya, siyazi ukuthi nxa uMesiya efika, Uyositshela lezizinto." Awu, lokho bekuyoba yisibonakaliso sikaMesiya.

114 Uma Enguyena izolo, namuhla, naphakade, leso bekuyolokhu kuyisibonakaliso sikaMesiya. Ngabe kunjalo na? "Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza. Nginani, ngikini, kuze kube sekupheleni kwezwe." Ngabe kunjalo, Mfowethu Hicks na? Niyabo?

"Siyazi uMesiya uyeza, futhi Uyositshela lezizinto, kodwa Wena unguBani na?" Niyabo? "Ufanele ube ngumprofethi."

Wathi, "NginguYe okhuluma kuwe."

115 Futhi phezu kwalokho wagijimela emzini futhi watshela amadoda, wathi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele engikwenzile. Akuyena yini Lona impela uMesiya na?" NeBhayibheli lathi abantu baseSamariya, lapho, bamkholwa uJesu ngenxa yobufakazi bowesifazane. Ngabe kunjalo na?

116 Manje, Wenza lesosibonakaliso phambi kweJuda naphambi komSamariya, ngoba ngani na? Babebheke uMesiya. Ngabe kunjalo na? Awutholi nolulodwa udaba phambi koweZizwe. Qhabo. Lokho . . . Niyabo, babekade befundiswe izinkulungwane zeminyaka ukuthi kwakuza uMesiya, ngakho Wenza . . .

117 Kunezinhlanga ezintathu kuphela zabantu, lowo nguHamu, uShemu, nabantu bakaJafete. UPetru, enezihluthulelo, ngoSuku lwePhentekoste wakuvula kumaJuda. UFiliphu wehla futhi washumayela kumaSamariya, wawabhaphathiza eGameni likaJesu Kristu, wabeka izandla phezu kwabo, uMoya oNgcwele awufikanga, UPetru wayenezihluthulelo, wehla wayesebeka izandla phezu kwabo, bemukela uMoya oNgcwele. Phezulu, indlu kaKorneliyu, uPetru wenyukela lapho nezihluthulelo, wakuvula kukuphi na? amaJuda, amaSamariya, nabeZizwe. Futhi kusukela ngaleyonkathi kuqhubeke, iVangeli laqhubeka, khona-ke lavulelwa bonke abantu: uHamu, uShemu, nabantu bakaJafete, manje, okwamadodana amathathu kaNowa, azala sonke isintu, uma silikholwa iBhayibheli lethu, konke okunye kwakho kwabhujiswa.

118 Asikho emuva lapho kulelozwe lezinkawu, thina, noma, labobantu bezinkawu, sikholwa ukuthi siyizidalwa ezingabantu, sivela kuNkulunkulu, senziwe ngomfanekiso

kaNkulunkulu. Mabakholwe abakufunayo, yilokhu esikukholwayo: Siyakholwa ukuthi uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, eyenziwe ngomfanekiso kaNkulunkulu, hhayi ukuphanga kuNkulunkulu, wayelingana noNkulunkulu, futhi, "UNkulunkulu wayekuKristu, enza ukuba izwe libuyisane naYe." WayenguNkulunkulu, Wayebukeka njengoNkulunkulu, Wenza njengoNkulunkulu, Washumayela njengoNkulunkulu, Wavuka kwabafileyo njengoNkulunkulu, UnguNkulunkulu. Impela.

119 Khona-ke siyaMqaphela, ngenkathi Efika futhi wathi, "Ngizoba nani, ngibe kini. Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza." Manje, Wethembisa ekupheleni konyaka wabeZizwe ukuthi lesisibonakaliso siyobonakala. Manje, ngabe sibheke uMesiya na? Kunjalo, sibheke iNkosi uJesu ezayo, uMesiya. Awu, manje-ke, Wethembisa ukuthi Uyobonakala.

120 Manje, uma Abonakala kubo nga*leyo*ndlela, lezozizukulwane ezimbili zabantu, futhi usivumela nje sedlule esayenseni yezenkolo, khona-ke Yena, lowo akusiyo iNkosi yethu uJesu. O, qhabo, hhe-e, qhabo. Niyabo, Uzofanele enze kithi njengoba Enza kubo. Wenzani na? Njengoba Ethembisa, ngezinsuku zikaNowa ne. . .?. . ., ngiqonde ukuthi, ngezinsuku zikaLoti, Uyoba njalo namanje. Ngakho Ufike kubantu baKhe abakhethiweyo abazokukholwa, futhi ezikhombisa Yena uqobo ukuthi UsenguMesiya, Ovukile. Amen. Lelo yiVangeli, mfowethu. Akukho-muntu ongabeka umunwe kulokho. Manje, into yakho ingukuthi, ngabe uNkulunkulu uzoligcina iZwi laKhe na? Ngiyakukholwa.

121 Bangaki kini abanamakhadi omkhuleko na? Kubukeka sengathi amashumi amane, noma amashumi amahlanu. Kulungile, elokuqala, ubani onalo na? Ikhadi lomkhuleko lokuqala, phakamisa isandla sakho. Luthini uhlamvu na? Mhlawumbe ngine. . .Hhe? A. U-A, wokuqala, phakamisa isandla sakho, noma ubani ono-A, wokuqala. Nifanele nibe nephutha, ndawondawo. Sizoqala kwenye indawo-ke. O, ngiyaxolisa. Kulungile. Elokuqala, yehlela lapha ngqo, nenekazi.

122 Elesibili, phakamisa isandla sakho. Kulungile, nenekazi, woza lapha. Elesithathu, phakamisa isandla sakho, elesithathu. Khona lapha, nenekazi. Elesine, elesihlanu. Khona lapha, nenekazi, woza lapha. Elesithupha, elesikhombisa, elesishiyagalombili, elesishiyagalombili, elesishiyagalombili. Kulungile, elesishiyagalolunye. Angilibonanga elesishiyagalolunye. Elesishiyagalolunye, eleshumi. Ngubani oneleshumi na? Ishumi nanye, ishumi nambili. Ngakho ngeke bonke bajahe ngesikhathi esisodwa. Ishumi nambili, ishumi nantathu, ishumi nantathu. Ikhadi lomkhuleko leshumi nantathu. Ungasiphakamisa isandla sakho

na? Ishumi nane, ishumi nane. Kuhamba kancane kabi. Awu, kulungile, asi . . . Mabame umzuzu.

123 Bangaki abangenalo ikhadi lomkhuleko, phakamisa isandla sakho, futhi uyagula na? Phakamisa isandla sakho. Manje, awudingi ukuba ube nekhadi lomkhuleko. Nginicele ukuba nikholwe lendaba engiyixoxe ngaYe ukuthi iyiqiniso.

124 Kwakukhona owesifazane eBhayibhelini, ake sithi yena, wayenomopho, siyayazi indaba, wayengenalo ikhadi lomkhuleko, ake sithi, futhi, kodwa wathi, "Ngiyakholwa ukuthi lowoMuntu uyiQiniso, ngiyakholwa ukuthi Leyo yiNdodana kaNkulunkulu, uma ngingaYithinta, ngizosinda." Bangaki oyaziyo indaba na? Futhi ngenkathi eMthinta, kwenzekani na? Wasuka, mhlawumbe, wayesehlala phansi, ngoba wayenelisekile enhliziyweni yakhe uqobo ukuthi wayethinte uMesiya. Uyakukholwa lokho na?

125 Manje, lalelani, ngibhekisiseni, futhi ngilaleleni. Niyabo? Wayethinte uMesiya, noJesu waphenduka, wathi, "Ubani oNgithintile na?" Manje, besalungisa labobantu. "Ubani oNgithintile na?"

126 NoPetru waMkhuza, ethi, "Awu, Nkosi, wonke umuntu uyaKuthinta. Usholoni ukuthi, 'Ubani . . . '?" Ngamany'amazwi, "Yini ekwenza usho into enjengaleyo na? Ngani, abantu bazocabanga ukuthi kukhona okungalungile ngaWe. Ngani, Usho into enjalo na?"

Wathi, "Kodwa Ngiyabona ukuthi amandla aphumile kiMi." Kunjalo na?

127 Awu, uma lokho bekungenza iNdodana kaNkulunkulu izwe amandla ephuma kuYo, bekungenzani kuwe nami, isoni esisindiswe ngomusa na? Besingeke nakanye sikwenze, ngaphandle uma Ethe, "Izinto eNgizenzayo, nani niyakuzenza, neziningi kunale niyakuzenza." Ngiyazi iKing James ithi *emikhulu*, kodwa bukani ukuhumusha kwangempela, *eminingi*. Akekho owayengenza okukhulu, ngoba Wenze konke okwakungenziwa, niyabo, Wavusa abafileyo, futhi wamisa imvelo, futhi wenza yonke into. Niyabo?

128 Kulungile. Manje, nalowo wesifazane omncane wathinta ingubo yaKhe, futhi Wezwa amandla ephuma kuYe. Futhi Waqalaza phezu kwezethameli, waze Wathola lapho ayekhona, futhi Wamtshela ngomopho wakhe, futhi wathi ukukholwa kwakhe kwakumsindisile. Ngabe kunjalo na? Ngabe lokho . . .? Ngabe lowo kwakunguJesu izolo na? Ngabe leyo bekuyindlela Akwenze ngayo izolo na? Awu, uma Esenguye namhlanje, Angeke akwenze ngokufanayo namhlanje na? Impela, Ubeyokwenza.

129 Manje, Unguye izolo, namuhla, naphakade. Ngabe yiqiniso lelo na? Uyakukholwa lokho, Uvukile kwabafileyo na? Khonake ungakwenza kanjani . . .? "Awu, Mfowethu Branham,

ngingaMthinta kanjani na?" Manje, uma ufuna ukuMthinta kungcono ulalele engikushoyo. Bukani, "NgizoMthinta kanjani na?"

130 Unguye, khona manje, umPristi oMkhulu, amaHeberu, isahluko 3, umPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu. Ngabe kunjalo na? Manje, umzimba waKhe obonakalayo uhlezi eBukhoneni bukaNkulunkulu, esihlalweni soBukhosi baKhe. Ngabe kunjalo na? UMoya waKhe ulapha eBandleni, ukuPhila kwaKhe, kuphila kithi, futhi UnguMvini, singamagatsha. Umvini awutheli isithelo, amagatsha athela isithelo, umvini unika amagatsha amandla, uJohane 15. Kunjalo na?

131 Manje, uma EngumPristi oMkhulu ofanayo, futhi ubungafinyelela phezulu eNkazimulweni futhi uMthinte ngokukholwa kwakho, Ubeyokwenzani na? Uma EngumPristi oMkhulu ofanayo, Ubeyokwenza ngendlela efanayo, Ubeyokwenza into efanayo. Khona-ke uzinikela kuYe, ngizozinikela kuYe, bese kuthi-ke uma uthinta ingubo yaKhe—yaKhe ngobuthakathaka bakho, Athembisa eBhayibhelini laKhe ukuthi Uyokwenza, ubone ukuthi Uzophenduka futhi asebenzise iphimbo lami, futhi asebenzise umzimba wakho, asisebenzise ndawonye.

132 Nina phandle lapho ezethamelini, ongeke abe semgqeni womkhuleko . . . Sizothola onke lamakhadi omkhuleko masinyane, kodwa asiqale ngo—owokuqala manje, kulungile, manje, kuqala, nina bantu abakulowomugqa womkhuleko.

133 Bangaki khona lapho o—ogulayo, engingakwazi, phakamisani izandla zenu. Nonke phandle lapho enaziyo ukuthi angazi lutho ngani, phakamisani izandla zenu, wonke umuntu ezethamelini owaziyo ukuthi ngiyazi . . .

134 Abantu emgqeni womkhuleko, ukuthi ngiyisihambi kini emgqeni womkhuleko, phakamisani izandla zenu, ukuthi anginazi, phakamisani izandla zenu. Ngicabanga ukuthi kungamaphesenti ayikhulu, sonke isikhathi.

135 Kulungile, manje, nasi isithombe esihle . . . Niyakhumbula ngenkathi ngiqala ukufika eChicago ngalokho, ngi . . . Ngakho manje, nasi i—isithombe esihle seBhayibheli, nasi isithombe sikaJohane oNgcwele isahluko 4, nangu owesifazane engingakaze ngimbone, angazi lutho ngaye, futhi angikaze ngimbone ngaphambilini empilweni yami. Uyisihambi kimi. Ngiyisihambi kuwe, sibonana okokuqala.

136 Manje, uma lokhu, e . . . Noma ubani owake waba sePalastine futhi abone lapho uJesu ahlangana khona nalowo wesifazane kulowomthombo na? Kungokubonakalayo ndawo zonke, into ethile efana naleyo, phandle, umthombo omncane phandle lapho lapho Ayehlezi khona lapho, wabona owesifazane. Manje, nangu owesilisa nowesifazane, bemi lapha, abangakaze

bahlangane ngaphambilini empilweni, futhi siyizihambi. Futhi nginganitshela lokhu ngaphambi kokuba siqale, akasuye owobuzwe bami, ngempela akasikhulumi kahle isiNgisi. Lelo yiqiniso. Nango umSamariya nomJuda. A-hha.

137 Manje, angisuYe, kodwa NguMoya waKhe okimi. Bese kuthike uma Enguye izolo, naphakade, futhi angikaze ngikubone, angazi lutho ngawe, ungowesifazane nje okhuphukela lapha, uma uNkulunkulu ezokwembula kimi okuthile okusempilweni yakho, njengoba Enza kulowo wesifazane lapho, uyokwazi ukuthi ngabe kuyiqiniso noma qha, u—uyokwazi, bese kuthike, njengento oyenzile, into ethize oyizele lapha, into ethize engalungile kuwe. Noma, uma ngingakwazi, angazi lutho ngawe, ngoba . . . Wenza i . . . ube nesikhathi esinzima, ukuthi nje, ukungiqonda. Kodwa uma ngingazi lutho ngawe, khona-ke uma Ezokwembula, kuzofanele kufike ngoMoya ndawondawo. Uyakukholwa lokho na?

138 Ngabe izethameli zizokukholwa lokho na? Nakhu lapha esikhona, sobabili ndawonye. Manje, ngabe Uyaphila na? Manje-ke, ukuba-ke ngi . . .? Ukuba Ubemi lapha, nalesudu Angipha yona, manje, uma lona wesifazane ubengeza, athi, “Nkosi, Uzongiphulukisa na?” niyazi ukuthi Ubeyothini na? “Sengivele ngikwenzile, uhlengiwe.” Uma indatshana ihlengwa esitolo esibambisa ngempahla, ingeke yahlengwa okwesibili. Sinayo irisidi, abakwazi ukusikhokhisa okwesibili, sinerisidi. Futhi sinerisidi evela kuNkulunkulu. Amen. Inani selikhokhiwe, sihlengiwe, wena uphulukisiwe.

139 Uma ngiza kulona wesifazane . . . Manje, Ubeyokwenzani, emi lapha na? Manje-ke uma Esevele emphulukisile . . . “Ngemivimbo yaKhe *sa*phulukiswa thina.” Kubeke inkathi edlule, *wa*phulukiswa. Bonke abefundisi, bonke abafundi beBhayibheli bayakwazi lokho. Yinkathi edlule.

140 Manje, uma E—uma Efika lapha, khona-ke Ubeyokwenzani na? Ubeyozikhombisa Yena uqobo ephila. Futhi besizokwazi kanjani ukuthi Wayenguye na? Ngoba uMoya waKhe ubuyongena kithi, futhi wenze nje ngendlela efanayo owenza ngayo ngenkathi Elapha emzimbeni waKhe. Ngabe kunjalo na? “Ngi,” isabizwana somuntu, “zoba nani, ngibe kini. Imisebenzi engiyenzayo Mina, niyakuyenza. Kuseyisikhashana, nezwe,” ikosmos, inqubo yezwe, inqubo yebandla, kanjalonjalo, “angeke lisaNgibona, nokho nina,” Bandla, “niyakungibona, ngokuba Ngiyakuba nani, Ngiyoba kini ngisho nasekupheleni kwezwe. Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza.” Nakhu. Ngabe uMlayezo wami uyiqiniso na? Uma Unjalo, khona-ke uNkulunkulu uzoligcina iZwi laKhe.

141 Manje, nenekazi, ngibuke umzuzwana nje, ngifuna ukukhuluma nawe. Ukuzila ukudla . . . Isizathu ngikulethe lapha, ngukuba, ukuze ngikwazi ukukwehlukanisa kubobonke

abantu, ukuze ngikwazi ukukhuluma nawe, wonke umuntu onomoya. UJesu uthathe, wakhipha bonke abantu endlini ngenkathi Ephulukisa indodakazi kaJayiru. Wathatha indoda eyisithulu, noma, impumputhe futhi wayiholela ngaphandle komuzi, waqhela esixukwini, ukuze Akwazi, ayisuse, ukuze Akhulume nayo. Yingalesosizathu ngikulethe lapha, kukhona ugcobo lukaMoya.

142 Nalowo wesifazane, angahle angangiqondi, kodwa uma ungangiqonda manje, yiba qotho kimi. Manje nje kukhona okwenzekile kuwe, umuzwa omnandi ngempela, ozolile ufike phezu kwakho, manje nje. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Ngibuka ngqo kulokho kuKhanya enikubona esithombeni, okungukuthi uJesu Kristu uyilokho kuKhanya.

143 Ngenkathi Elapha kuqala, WayekuNkulunkulu uYise, ekuKhanyeni, abantwana bakwa-Israyeli baKulandela ehlane. Wathi, "Ngivela kuNkulunkulu, futhi ngiya kuNkulunkulu."

144 Emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka, uSawulu wayesendleleni yakhe ebheke eDamaseku, nokuKhanya kwamshaya kwamlahla phansi, lokho kuKhanya okufanayo, "Sawulu, Sawulu, uNgihluphelani na?"

Wathi, "Ungubani Wena na?"

Wathi, "NginguJesu." Niyabo? Manje, Lokho kuyilokho kuKhanya okufanayo.

145 Manje, uma uNkulunkulu ezongichazela okuthile, yiba ngufakazi ukuthi ngabe kuyiqiniso noma qha. Ulapha ukuba ngikukhulekele wena ngesimo sokwethuka ohlushwa yiso, ukwethuka. Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho *kanje*, ukuze abantu babone. Manje, kukhona ezinye izinto, unenkathazo yenyongo, ukuhlaselwa yinyongo. Futhi njengoba usho lokho khona lapho nje, uMfowethu Hicks emi eduzane, sizobona uma ku, nje, ukuthi ngabe bekuqinisile noma qha. Ake sibhekisise umzuzu nje siqhubeke. Yebo, ulapha ngomuny'umuntu, umntwana wakho ogulayo, omshiye ekhaya, ngaphandle kwalokho, unodade onomntwana ogulayo ommele. Uma lokho kuyiqiniso, vayizelisa isandla sakho. Ukwemukele lokho okucelile, ukukholwa kwakho kukusindisile. Hamba uye ekhaya, futhi uzokuthola kunjalo. UNkulunkulu akubusise. Konke kuzolunga manje. Kuzoba konke. . .UNkulunkulu akubusise manje, hamba ukholwa, yonke into izoba kahle nje.

146 Uyakukholwa lokho na? Ngabe Uyaphila na? Manje, niyazi angimazi lowo wesifazane. Ngingakwenza kanjani. . .? Angazi ngisho nokuthi ngitheni, into kuphela engiyoyazi ngukubhekisisa lesisiqophamazwi, lapho sibuye siqopha. Manje, iBhayibheli lathi, "Uma besho, futhi kufezeke, abakushilo, khona-ke kukholweni." Nginitshelile ukuthi Wavuka kwabafileyo, futhi Ukufakazisile, kukholweni. Amen.

147 Manje, nasi i, nasi esinye isithombe somunye wesifazane, lokhu kwenzeka kube ngowesifazane. Angimazi owesifazane, angikaze ngimbone, siyizihambi omunye komunye. Futhi siyizinhlanga ezimbili zabantu, yena u, ngingum-Anglo-Saxon futhi—futhi yena ungowaseTopiya. Thina . . . Kodwa ngenkathi bekhuluma nowesifazane emthonjeni, umSamariya, ngenkathi owesifazane ongumSamariya ethi kwakukhona ukwehlukana, Wamazisa, ngokushesha impela, ukuthi akukho-mehluko phakathi kwemibala esasiyiyo.

148 UNkulunkulu unguNkulunkulu wesintu. Amazwe esasiphila kuwo, futhi sashintsha imibala yethu, akuhlangene nalokho esiyikho. Omunye wakhuliswa ezweni elilodwa futhi waphenduka waba phuzi, nomunye waba mnyama, nomunye waba nsundu, nomunye waba mhlophe, futhi lokho akuhlangene ngalutho nakho, sivela esihlahleni esisodwa, u-Adamu no-Eva. Kunjalo, isintu saphuma lapho.

149 UNkulunkulu wami unguNkulunkulu wenu, uMdali wami unguMdali wenu. Kodwa wena u, ungo—ngowesifazane oyikhaladi, mina, obizwa ngomlungu, khona-ke siyizizwe ezimbili ezehlukene zabantu. Kodwa simi njengokuthi (ngizama ukubenza babone okuthize.) UJohane oNgcwele isahluko 4, uJesu ehlangana no—nowesifazane owayengumSamariya.

150 Manje, uma uNkulunkulu ezomemezela kimi ukuthi iyini inkathazo yakho, uzongikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, noma, inceku yaKhe na? Angi . . . Ngi—ngifanele ngiqaphele lelogama, liyisikhubekiso kubantu abaningi; ngakho, siyakwazi futhi siyakukholwa, abadingi ukwazi. Uhlushwa yizimila, lezozimila zisemgudwini wamathumbu. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi ungubani, uzongikholwa na? Watshela uSimoni Petru ukuthi wayengubani, Washo. Ngabe kunjalo na? Manje-ke, Nkk. Hall, hamba uye ekhaya, uJesu Kristu uyakusindisa. Amen.

151 Manje, nonke nina bantu abangamakhaladi kholwani eNkosini, khona manje. Niyabo? UyiNkosi uJesu, onguye izolo, namuhla, naphakade. UyaMkholwa na? Hloniphani ngokuzithoba ngempela.

152 Kulungile nakhu lapha, ngikholwa ukuthi omunye udade oyikhaladi. Woza ngaphambili. Siyizihambi komunye nomunye. Njengoba ngishilo enenekazini, ngikholwa ukuthi kwakuyilo, elidlulile, nalokho konke, niyazi lapho kungishiya, embonweni, mina, angisangene, kodwa ngi . . .

153 Uya kwelinye izwe, ubona izinto ezenzeka kudala, futhi kukhona okwenzekayo kwenye indawo, khona-ke uyamangala ukuthi umi kuphi lapho ubuya, yingalesosizathu kungiqeda amandla nje. Ungawubona umphumela okuwuthathayo. Ngolunye usuku ngiyolishiya izwe, kodwa izwe alisoze lazi, size

sibonane Lapho, engidlula kukho ukuzama ukubazisa ukuthi iNkosi yami ingeyangempela. Yavuka kwabafileyo, Ayifile, Iyaphila. Mm! Futhi ngiyakukholwa ngenhliziyo yami yonke.

154 Uma uNkulunkulu ezongembulela ukuthi iyini inkathazo yakho, ukuze ngingadingi ukungena kokuningi, ukuthi nje inkathazo yakho iyini, uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uyayikholwa ukuthi indaba yami iyiqiniso na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Kulungile. Bathi ufanele uhlinzwe, kungokwesimila. Isimila sisesiswini. Kunjalo. Ubeke isandla sakho esiswini sakho, omunye ukuqaphelile lokho, ngikuzwile kuvela phandle lapho, ngaphambi kokuba ngikusho. Manje, uma uNkulunkulu ezongembulela ukuthi ungubani igama lakho-ke, uzo—uzongikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, nenceku yaKhe na? Nkk. Cole, buyela ekhaya, uphile. UNkulunkulu akubusise, dadewethu . . .?. . .

Yiba nokukholwa kuNkulunkulu, ungangabazi. Kholwa ngenhliziyo yakho yonke.

155 Sawubona? Manje, nangu um-Anglo-Saxon nom-Anglo-Saxon. Siyizihambi omunye komunye. Angikwazi, kodwa uNkulunkulu uyakwazi. Uma uNkulunkulu ezokwembula . . .

156 Manje, umzuzwana nje, into ethize ezethamelini, omunye washaya ukukholwa, owesifazane ohlezi khona lapho, nekhanda lakhe likhotheme ekhuleka, efake isigqoko esincane esiluhlaza, ehlezi khona lapha phansi phambi kwami, owesifazane ongathi usekhulile, ehlezi lapho, ekhuleka, enesifo samathambo. Kulungile, Dadewethu, phakamisa isandla sakho nje. Uqalazile, futhi waqalaza, bheka ngapho. Kulungile, isifo sakho samathambo sikushiyile. Awudingi ukuba uze, hlala khona lapho okhona. Qhubeka uye ekhaya, uJesu Kristu uyakusindisa.

157 Ngifuna ukunibuza okuthize nina bantu, Uthinte bani na? Akakaze angithinte, ngiqhele ngamafidi angamashumi amathathu kuye. Kodwa uthinte lowomPristi oMkhulu. Uyakholwa na?

158 Manje, owesifazane owathintwa, ukuthi uthinte uNkulunkulu, noNkulunkulu wamthinta, ingabe siyizihambi komunye nomunye, vayizelisa isandla sakho, nenekazi. Kunjalo, angikwazi. Lezozinto beziyiqiniso, okushiwo. Ngabe kunjalo na? Kulungile, unaso isicelo sakho, uthinte uJesu Kristu.

159 Awukho lapha ngesingawe, ulapha ngomunye umuntu. Omunye uyaphuphutheka, baphuphuthekile, umuntu oyimpumputhe. Kunjalo. Abekho lapha. Kuphakathi kokuthi kade beseCalifornia, noma eCalifornia, baseCalifornia, ngowesifazane. Uyakholwa na? Khona-ke hamba, futhi njengoba ukholwa, kuyoba njalo. Ungangabazi. UNkulunkulu akubusise. Yiba nokukholwa, ungangabazi.

Niyakholwa phandle lapho, kanye, nonke na? Kholwa nje manje, ngayo yonke inhliziyo yakho.

160 Sawubona, nenekazi? Kulungile. Kungumehluko ngempela, mhlawumbe, onyakeni wethu, mhlawumbe. Kodwa ngokwazi kwami enhliziyweni yami, lesi yisikhathi sami sokuqala ukuba nawe, ngimi ngakuwe. Angikwazi, ngakho uNkulunkulu uyakwazi. Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi okuthize ngawe lokho, okuthize njengokuthi kusenhliziyweni yakho, into oyifunayo, noma—noma okunye. . . futhi uzokwazi ukuthi kuyiqiniso noma qha, ungumahluleli walokho. Awu, uma Azi ukuthi bekuyini, impela ungalithatha iZwi laKhe libe. . . Uma Engakutshela obekuyikho, uyazi ukuthi okuzoba khona, kuzoba yiqiniso. Kulungile, kwangathi Angasipha khona.

161 Manje, ndawondawo, iNgelosi yeNkosi isukile emsamo. UMoya kaNkulunkulu wahamba. . . Nakhu. Yileyondoda eyikhaladi ihlezi emuva lapha ekhoneni, ikhuleka. Uhlushwa amankanka. Uma lokho kunjalo phakamisa isandla sakho. Kulungile. Uthinte iNto ethize, Mfowethu. Awukaze ungithinte, angikwazi, uthinte umPristi oMkhulu. UyaMkholwa na? Khona-ke sekuphelile.

162 Kholwa kuYe nje, ngiyakucela ukuba ukholwe kuYe. Angikaze ngiyibone leyondoda empilweni yami, uma ngazi ngakho, ngaphandle kokuthi kusestaladini, noma ngidlula ndawondawo, noma ngehla ngenyuka kulelibandla, angiyazi indoda. Uma uyisihambi kimi, mnumzane, phakamisa isandla sakho, ukuze abantu bezokubona, ukuthi wena nami siyizihambi. Nakho lapho okhona. Niyabo?

163 Manje, ngitshele, ngifuna ukunibuza: Ithinteni indoda na? UJesu Kristu, umPristi wethu oMkhulu. Khona-ke umlayezo wami ngaYe uyiqiniso, Uyaphila. Khona-ke thatha izwi lami: Balekelani lamakhaza ezidumbu, futhi nize kuKristu ophilayo, thatha igama lakho, uma lise, encwadini ethize yebandla, khohlwa yilo, faka igama lakho eNcwadini yaseZulwini, ngesehlakalo esisha sokuMemukela, nokuzalwa ngokusha.

Sikuphi na? Sikhathi sini na? Kulungile. Ningangivumeli ngihlale isikhathi eside kakhulu.

164 Manje, ngikholwa ukuthi lona ngowesifazane. Uxolo, nenekazi, ngi—ngi—ngifanele nje ngilandele Lokho, lapho Kuya khona, yilokho kuphela e—engaziyo ukukwenza. Asibuke eNkosini, sibone ukuthi yini. . . Yebo. Usesimweni esibucayi. Unesimila, futhi ukhathazekile ngaso. Ucabanga ukuthi uma uNkulunkulu engangitshela ukuthi sikuphi lesosimila, kungakusiza ukukholwa kwakho na? Bekuyokusiza na? Kusebeleni, kusebeleni langakwesokudla. Lelo yiqiniso, akunjalo na? Awume kancane. Yebo, unomuntu othize enhliziyweni yakho, futhi ngumuntu okade engumKristu. Wena u, ungumama wentombazane engumlotha wezidakamizwa eyaphulukiswa ekuthatheni izidakamizwa emhlanganweni wami. Igama layo nguHelena, yayingumdansi, noma *into*

*ethile-enye*. Naleyontombazane iya ngokuba buthaka, iyasuka kuNkulunkulu, futhi isenhliziyweni yakho ukuyikhulekela, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Yiqiniso lelo. Kulungile. Woza lapha.

165 EGameni likaJesu Kristu, buyisa lowomntwana, phulukisa lomama ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. Amen.

Ungangabazi, yiba kahle.

166 "Uma ukholwa, konke kungenzeka." Uyakholwa na? Bangaki okukhumbulayo lokho ekuqaleni, lapho ngangifanele ngithathe isandla somuntu futhi ngisibeke kwesami, ubuyozibona lezozinto zenzeka? Bangaki okukhumbulayo lokho na? Bangaki okhumbulayo ukuthi nganitshela ukuthi iNkosi yangitshela ukuthi kuyofezeka, uma ngizozithoba futhi ngibe qotho, ukuthi ngiyoba . . . kuyokwembula izimfihlo zezinhliziyo, uma bengasikholwanga lesosibonakaliso sokuqala, njengoba benza kwesikaMose, isibonakaliso sesibili siyoba khona na? Bangaki okukhumbulayo lokho na? Wena uthi, "Ngabe uNkulunkulu uyasisusa isiphiwo na?" Qhabo, mnumzane.

167 Woza lapha, mnumzane. Angikwazi, uyisihambi kimi. Beka isandla sakho kwesami. Yebo, mnumzane. Yenyukela lapha. Inkathazo yesisu. Kunjalo. Ake ngikukhombise okuthize. Buka lapha, thatha lesi esinye isandla sakho, beka lesisandla kwesami. Akukho-mehluko, ukhona na? Qaphelani *lesi*, bona lapha, akukho-mehluko. Manje, ngibeka isandla sami. Akukho-mehluko, ukhona na? Manje, bhekisisa lapho ubeka *lesi*sandla, nakho kufika umehluko, ukuvuvuka, namachashaza amancane abomvu egijima enqamula kulo, noma, ngiqonde amachashaza amancane amhlophe egijima enqamula. Bukani ukuthi isandla sami saphenduka kanjani. Niyabo? Lokho kufana ne . . . Niyabo, okuyikho, ukugcotshwa, yingalesosizathu kubekwa izandla phezu kwabagulayo, phansi kogcobo, niyabo, ukubeka izandla phezu kwabagulayo, ogcotshiwe.

168 Akusimina owenza lezizinto, angizazi, angibazi abantu, angikwazi. Kodwa niyabo, kukhona okukuwe okungakubulala. Niyabo? Futhi lowo ngudeveli, umoya, *into ethize* ephilayo, idla, impilo ezama ukuthatha impilo yakho, yingalesosizathu kudlikiza kuphendula.

169 Manje, bhekisisani nje, ngakho qinisekani ukubheka. Manje, bukani lapha, akusiyo indlela enginyakazisa ngayo isandla sami, ngoba lezo—lezozinto ezimhlophe . . . Bukani, uyasibona isandla sami lapha na? Uyabo? Manje, buka, ngizothatha lesisandla sakho, niyabo, ngithatha isandla sakho sokunxele. Manje, akukwenzi lapho. Manje, beka *lesi* lapha. Manje, nakho. Niyabo? Manje, ungumuntu impela nje ku*lesi*sandla njengoba unjalo ku*lesi*sandla. Ngabe kunjalo na? Kodwa niyabo, kuyini na? Yisandla sakho sokunene kimi, ukuthi uyangikholwa; yisandla sami sokunxele kuwe, enhliziyweni yami, ukuthi

ngiyakuthanda; isandla sami sokunene kuNkulunkulu, ukuthi Ungowami—UnguMholi wami, uMsindisi wami.

170 Manje, woza lapha umzuzwana nje, ngifuna ubhekisise, ake ngibeke isandla sami *lapha*, ukuze ukubone. Manje, uma kuhamba. . .Manje, ngoMoya kaNkulunkulu, ngikholwa ukuthi ngingakwenza kuhambe, kodwa angikwazi ukukuvimba, kodwa uma ungakubona kuhamba, khona-ke lokho kuzokusiza, ngeke yini khona, uku. . .? Yebo, mnumzane. Manje, manje, bhekisisa manje, ukuze uqiniseke manje, beka lesisandla *lapha*, lowo engisibeke kuye isandla sami. Uyabo? Manje, lesi esinye isandla *lapha*, uyabo, ngakho wena. . .Nakho-ke. Manje, ngifuna nigcine amehlo enu evulekile, ngifuna nikubhekisise.

Ngifuna izethameli sikhothamise ikhanda lenu, umzuzu nje.

171 Baba wethu waseZulwini, hhayi ukukhombisa, kodwa sisezinsukwini zokugcina, sisemahoreni okugcina osuku, ilanga liyashona, izibani zakusihlwa ziyakhanya, umprofethi wathi, "Kuyakuba ngukukhanya ngesikhathi sokuhlwa." Wathi kuyobakhona usuku olungayikubizwa ngemini noma ubusuku, yilokho esibe nakho, izinhlangano nje, amahlelo, kodwa ngesikhathi sokuhlwa, kuyoba ngukuKhanya. Ukukhanya kuphuma empumalanga futhi kushone entshonalanga, impucuko ihambe nelanga. UkuKhanya kwaqhuma empumalanga, kubantu basempumalanga, iNdodana kaNkulunkulu. Futhi manje ilanga lishona entshonalanga, nempucuko isihambe yaze yayofika entshonalanga, okulandelayo yimpumalanga, iziNkanyiso zakusihlwa ziyakhanya.

172 Indoda ibhekisisa isandla sami. Manje, iyabona ukuthi kusalokhu kungqangqazela esandleni sami. Iyagula, Baba, ngikhulekela umusa, ngikhulekela ukuthi Uzokwenza ukuba kusuke kuyo, ngoKristu iNkosi yethu.

173 Manje, kunenkani. Ngaphambi kokuba ngivule amehlo ami, akukashintshi, ngokufanayo nje. Ngabe kunjalo, mnumzane na? [Umfowethu uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Into efanayo nje. Manje, umzuzu nje, wonke umuntu kholwa manje.

174 Nkosi, ngilitshelile leliqembu elincane labantu, lapha kulobubusuku, ukuthi Uvukile kwabafileyo, futhi wathi, "NgeGama laMi bayakukhipha odeveli." Leyondoda iyazi ukuthi udeveli ungumhluphi. Negama elithi u*develi* lisho "umhluphi." Ngakho ubhekisisa isandla sami, ubona ukusabela kwakho emehlweni ayo uqobo, iyakubhekisisa, iyabhekisisa ukubona ukuthi kwenzekani. Siza, Nkosi, Wena unikeza isithembiso, ngiyaKukholwa.

Sathane, eGameni likaJesu Kristu phuma endodeni!

Manje, ngaphambi kokuba nginyakazise isandla sami, noma wenze noma yini, akusekho na? [Umfowethu uthi, "Yebo."—Umhl.]

Manje, vula amehlo akho. Angizange ngibuke isandla sami, ya, nakho.

175 Manje, buka lapha, mnumzane. Thatha lesisandla lapha. Uyabona ukuthi sibukeka kanjani na? Thatha lesisandla lapha. Uyasibona ukuthi sibukeka kanjani na? Manje, kukhona okwenzekile, akwenzekanga na? Sekuhambile, usukhululekile. Hamba, uJesu Kristu ukuphulukisile, kholwa ngakho konke. . .

176 Kulungile, uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Yiba nokukholwa nje kuNkulunkulu, ungangabazi. Wozani, makuze umuntu olandelayo. Manje, ungangabazi, yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Ngisakuzwa lokho emuva lapho, ukuthi ngi. . . Manje, bukani, ngizophendula ikhanda lami, bhekisisani lapha.

177 Woza lapha, nenekazi, thinta isandla sami nje. Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi, ngibuka *ngapha*, yini inkathazo yakho, uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uzokwenza, lelinenekazi na? Kulungile. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyiphulukisa inkathazo yenhliziyo yakho, futhi akusindise na? Uyakukholwa na? Uyokwenza. . .inkathazo yenhliziyo, akusindise na? Uyakwemukela na? Phakamisa isandla sakho. Kulungile, hamba ngendlela yakho, uphulukiswe, uthi, "Makabongwe uNkulunkulu." Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Kulungile, mnumzane.

178 Manje, nenekazi, uma uzokholwa ukuthi awusoze wakhutshazwa yilesosifo samathambo, Uzokusindisa. Uyakukholwa lokho na? Qhubeka nje uhamba, futhi uthi, "Ngiyabonga, Nkosi." Hamba, ukholwe. Kulungile.

179 Woza manje, nenekazi. Manje, ungowesifazane osemusha. Yini inkathazo yakho ukwethuka. Awukwazi nje ukuthola indawo yokuqala. Ngabe kunjalo na? Konke-. . .bayakutshela, "Hlakanipha," futhi konke kusengqondweni yakho, kodwa akunjalo. Kukhona into ethile ekwenza wesabe, uyabo, kunjalo, futhi wesabile. Lena yindawana yakho.

Phuma kowesifazane, Sathane! Ngikuphosela inselelo, eGameni likaJesu Kristu, ukuba ushiye lona wesifazane!

Manje, usuqalile, qhubeka nje uhambe. Sindiswa, eGameni likaJesu Kristu.

180 Woza. Manje, lona wesifazane uphulukiswe ngenkathi ehlezi esihlalweni, ngento efanayo, ngakho-ke ungavele nje uqhubeke. Okwakho yisikhathi. . .Qhubeka nje uhamba, uJesu Kristu uyakusindisa.

Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Umzuzwana nje.

181 Lelonenekazi, elithi ukondleka, lihlezi lapho lingibuka, lineqhubu eliyisibhono, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Kulungile, ungaba nakho okucelayo.

182 Angilazi inenekazi, angikaze ngilibone empilweni yami, kodwa belikhuleka lokhu. Emizuzwaneni embalwa nje edlule

lokho kuKhanya bekuphezu kwalo, belikhulekela uNkulunkulu ukuba alibize kulobubusuku.

183 Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho emuva naphambili, nenekazi, *kanje*, niyabo, ukuze bezobona. Kulungile, nakho lapho okhona. Uma uzokholwa, kuzosuka kuwe. Yiba nokukholwa nje kuNkulunkulu, ungangabazi. Amen.

184 I—indoda elandelayo, qhabo, ngowesifazane, eceleni kwakhe, ehlezi lapho, enalezozinhlungu zekhanda, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Phakamisani izandla zenu uma ufuna, yemukela ukuphulukiswa kwakho.

Yiba nokukholwa kuNkulunkulu, ungangabazi.

Ukuba-ke bengikutshelile, ubusuvele uphulukisiwe, ubuzongikholwa na? Yiba ulokhu uhamba nje, uJesu Kristu uyakusindisa.

Awuboni ukuthi UnguNkulunkulu na?

185 Nakhu kuhlezi owesifazane oyikhaladi, owesifazane wesibili ehlezi lapho esihlalweni, ehlezi khona lapho, engibuka. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angasisusa lesosimo sokuphelelwa yigazi kuwe, futhi akusindise na? Khona-ke ungaba nakho okucelayo. Hamba, futhi ukholwe. E-hhe. Yiba nokukholwa.

Ukuba-ke ngithe, "UJesu Kristu uyakusindisa," ubungangikholwa na? Kulungile, hamba, futhi usinde.

186 Ukuba-ke ngikutshele ukuthi inkathazo yakho yeqolo iphulukisiwe ngenkathi usahlezi lapho, uyangikholwa na? Khona-ke qhubeka nje uhamba, uthi, "Ngiyabonga, Nkosi."

187 Ukuba-ke ngikutshelile uhlezi phansi lapho, nenekazi, "Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, leyonkathazo yekhanda . . ." elifake lesosigqoko esimnyama, lelonenekazi eliyikhaladi elihlezi khona lapho ngokulandelayo, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ubengakuphulukisa lokho, futhi akusindise, inkathazo yekhanda na? Uyakukholwa na? Uyakwemukela na? Phakamisa isandla sakho uma ukwenza. Kulungile, ungaba nakho okucelayo.

188 Bangaki kini phandle lapho abakholwa eNkosini uJesu Kristu, abakholwa ukuthi UnguJesu ovukileyo na? Bangaki owaziyo ukuthi "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo"? Phakamisani izandla zenu. Mangaki amakholwa alapha na? Phakamisani izandla zenu. Bangaki owaziyo ukuthi Uyaphila na? Khona-ke bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, ngizonikhulekela, nonke ningaphulukiswa. Yena ugcina iZwi laKhe *lapha*, Uyaligcina iZwi laKhe *lapho*. Niyakukholwa na? Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye-ke, futhi nikhulekelane.

189 Baba wethu waseZulwini, sinikela lezizethameli kuWe, njengabantu abakholwayo, uKristu ovukileyo. Ngale kwethunzi

lokungabaza, Awufile, kodwa Uphila kuze kube phakade, uMnqobi omkhulu. Bafikile, babonile, manje kwangathi bangahamba batshele abanye ukuthi Akafile, Akekho ethuneni, noma inhlangano, kodwa Uyaphila ezinhliziyweni zabantu baKhe. Siphe khona, ngeGama likaJesu Kristu.

Mfowethu Hicks, thatha lemayikrofoni.

